# UFANELE UZALWE NGOKUSHA

. . .ukusa kukaYear's Eve, enkonzweni yeNkosi. Futhi uMfowethu Neville nami bengizama ukuhlangana, futhi besindawonye, ekukhulumeni, lokho esizokwenza. Bengizama ukumthola ukuba anyukele lapha futhi ashumayele kulokhu ukusa kinina nonke, futhi angivumele ngibe nayo namhlanje ebusuku, ngakho kwenzekile ukuba ngikugxilise, nginezimbili kulokhu ukusa nanamhlanje ebusuku ukuba ngiyenze. Ngakho, ungumdayisi omuhle. Futhi ngakho ngaphambi kokuba sibe ne. . .siqale iklasi, ngimtshele ukuthi sizoba neklasi nje, njengokuba besingabaningi kakhulu lapha kulokhu ukusa, futhi ukuba neklasi nje. Ngaphambi kokuba ngenze lokhu, ngithanda ukwenza isimemezelo esincane. Ngine . . .

2 Sinabantu abathize abafike lapha bevela eNew York, ukugongobala nathi. Ngicabanga ukuthi angibazi abantu. UMfowethu Neville uthe ukhulume ngakho nje. Izolo ebusuku ngizwe ukuthi bebene. . .inqola yabo ithole umlilo futhi wabhubhisa inqola yabo. Ngiphumile ukuba ngibone abantu, futhi babukeka bethandeka, abantu abangumKristu okahle. Futhi bathi ukuba ngabantu abampofu, njengathi sonke, futhi uMfowethu Wood nababili bethu noma abathathu ubezohlangana futhi abone uma singebathengele nje enye inqola. Futhi bebethandeka impela futhi uthe ba. . . umshwayilense ebebeqhubeka kuwo, babengene endaweni enzima futhi bebefanele bawuyeke umshwayilense. Kodwa, empeleni, umxhumanisi uyikhokhelile ipholisi yomshwayilense, noma, futhi batholile—babuyelwe umshwayilense wenqola yabo, okungukuthi kunokwenzeka bakwazi ukubuyisela inqola futhi. Bazokwazi lokho, ngicabanga ukuthi, uMsombuluko noma uLwesibili, noma into ekanjalo, noma uLwesibili, ngikholwa ukuthi yiwo. Futhi ngakho sifuna uku—ukuhlanganyela osizini lwabo, ukwenza yonk'into esingayenza uku—ukubasiza, ukubazisa ukuthi si—singabafowethu nodadewethu kuKristu uJesu, futhi sinokuzwelana komunye nomunye. Futhi—futhi ngicabanga ukuthi ngamunye engafuna ukuzizwa ngaleyondlela, ekusizeni okuncane kubona ngalesisikhathi. Kungukuphuma kancane kokwejwayelekile, ngiyacabanga, angikaze ngithathe umnikelo empilweni yami, futhi ngi—ngizovumela uMfowethu Neville akwenze. Lokho—lokho bekungukushayisa, bekungesikho na? Kulungile. Ngiyabonga, Mfowethu Ben. Omunyu'muntu nje, lokho, into encane nje onayo ongayiqathaza kubona, ngiqinisekile ukuthi iyothakaselwa.

Mfowethu Neville, woza ngapha. Angazi ukuthi kwenziwa kanjani. Yenza nje noma yini oyicabangayo.

[UMfowethu Neville uthi, "Ngiyabonga, Mfowethu Branham. Futhi ngiyakuthokozela ukwenza into ethize ngalendlela, ngoba yilokhu okusisiza ukuba sifane kakhulu noKristu nangokomoya. Ngezinye izikhathi abantu bathi, 'Ngifuna ungikhulekele ukuthi ngizoba umKristu ongcono.' Awu, ngi. . .sengivele ngikukhulekele, manje ngizokukhombisa ukuthi uba kanjani ngoyedwa. Amen. Yileyondlela yokukwenza, futhi uvule obheseni bakho bobubele. Futhi ngiyakwazi lokho futhi, Mfowethu Elliott, akaceli ukuzwelana kwakho ngenxa yakho, kodwa uyindoda ekhubazekile, futhi ngakho. . .futhi ubengasasebenzi. Ngakho nje sizo, kulokhu ukusa, sivule izinhliziyo zethu bese sisize lababafo. (Ngiyakholwa, nanka amapuleti okunikela, *lapha*. Yebo.)—Umhl.]

[Baba waseZulwini, kulokhu ukusa, sibheke kuWe, sisamukela lokhu; sizinikela thina uqobo, ukuthi Wena wasibusisa kanjani sonke, futhi wapha phezu kwethu okwalezizimpahla eziphathekayo ezinjalo zidingeka okwenzuzo yethu nenhlalakahle. KuWe si, kulokhu ukusa, nikela lokhu okungukuthi sandisa njengengxenye encane yobubele bethu. Bukhulu ububele baKho!"] Yebo. ["Kodwa, Nkosi, siyakuthakasela ukuba besingaba nobuncane nje ububele, njengoba Wena waba nobubele obukhulu ngathi. Naba abathandiweyo lapha phakathi kwethu, Nkulunkulu, futhi thina kulokhu ukusa siyakhuleka ukuthi Wena manje uzosibusisa sisavula izinhliziyo zethu. Futhi Zithathe, yenza njengoba Wena ubona okwedlula konke ngoMoya waKho. EGameni likaJesu, nangenxa yaKhe. Amen."] Amen.

[Umzalwane uthatha cishe imizuzu emine ukudlulisa amapuleti omnikelo, emukela umnikelo webandla kwenzelwa umndeni wakwaElliott, ngenkathi umshayi wopiyano edlala amahubo amaningana.]

3 Ngicabange ukuthi, mhlawumbe, ngenkathi besenza lokho, kuzonginika ithuba elincane ukukhipha into ethize engizokhuluma ngayo kulokhu ukusa, ivela kwezinye izindikimba ezindala nezinto engazibhala esiqeshini sephepha. Ngiqagele bonke abashumayeli benza lokho. Lingubani igama lalababantu, manje, leyo inqola eshile na? [UMfowethu Neville uthi, "Elliot."—Umhl.] Elliott. Ngabe uMfowethu noDadewethu Elliott kanye nendodana yabo baphakathi esakhiweni kulokhu ukusa na? Uma bekhona, uma nithanda nje ukusukuma, futhi nithi, nje nisho kakhulu njengokuthi "Siyanibonga ngo. . ." kubantu, ngani, kulungile. Unezwi ofuna ukulisho, Mfowethu Elliott noma Dadewethu Elliott, nakubantu na? [UMfowethu Elliott uzwakalisa ukubonga kwabo—Umhl.] UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Elliott. Lokho kukahle kakhulu. Ngiyabonga. UNkulunkulu abe nani, wena noDadewethu Elliott nendodana yenu.

4 Abantu bavela eNew York. Bengingazi ukuthi bebelapha. Bathe bengizoba nabo ekuxoxisaneni kwangasese, noma ngikhuleke kanye nabo noma okuthize, ngesinye isikhathi. Bengingabazi ngaze ngahlangana nabo izolo, futhi ngabathola ukuthi bangamaKristu amnandi, abantu abakahle ngempela. Futhi bebehlala enhla eNew York, phezulu eHudson River Valley ndawondawo, futhi mhlawumbe ngeteyipu noma okuthize bakholwa uMlayezo, futhi badayisa konke, bangena, benikela nje izimpilo zabo nesikhathi kuKristu. Futhi sifuna nazi ukuthi lokhu ngukuzwakalisa kwethu imizwa okuncane, Mfowethu noDadewethu Elliott, ukuthi singabagongobali, nathi. "Singabahambi nezihambi kulelizwe. Sifuna umuzi oMakhi noMenzi kunguNkulunkulu." Futhi uma ibhadi liwe kini ngaphezu kwalezizinto, zikadeveli ezama ukunishisa aniqothule futhi anisabise, sinani ngamapesente ayikhulu, ukuneseka kukho konke esingakwenza ukunisiza nibuyele nime ngezinyawo zenu futhi. Phakamani eGameni leNkosi uJesu futhi nimashe niqhubeke. Ninga—ningahlali phansi, qhabo. "Ziningi izinhlupheko kolungile, kepha uNkulunkulu ubakhululile kuzo zonke." Futhi ngakho si—siyazi ukuthi sibheka lezizinto ukuba zenzeke, kodwa siyazi ukuthi futhi sibheke uMsindisi wethu Ongaphezu komnqobi, siyibo, kuYe Owasihlenga.

5 Manje, namhlanje kuthi akube usuku olugcwele, futhi kulokhu ukusa bengicabanga lapho, ngicabangile nje ukuthi ngizofundisa isikhashanyana eklasini likaSonto sikole. Njengokuthi, ngenze iklasi likaSonto sikole kukho kulokhu ukusa. Futhi namhlanje ebusuku ligamenxe elesikhombisa, ngifuna uku, uma kuyintando kaNkulunkulu, ukuletha uMlayezo wami—wami woNyaka oMusha, njengoba ngeSonto eledlule noma ngeSonto ebusuku ngaletha uMlayezo wami kaKhisimuzi. Futhi namhlanje ebusuku ngizoletha uMlayezo wami woNyaka oMusha ligamenxe elesikhombisa, iNkosi ithanda. UMfowethu Neville uzoba nomlayezo wakhe woNyaka oMusha, futhi ngibona uMfowethu Stricker ngapha noMfowethu Collins, futhi, o, abanye abefundisi bezungezile, noMfowethu Palmer phezulu lapha ekanye nathi, evela eGeorgia, na—nabehlukene bezungezile. Ngabefundisi, uzobe ulalele bona kulobubusuku.

6 Khona-ke ngishayele uMfowethu Neville izolo, futhi entweni ethize eshaye inhliziyo yami, ngibona lona ukuthi nguNyaka oMusha, futhi ngokokuqala futhi, njengeSonto lokuqala, kunganjani, namhlanje ebusuku, esikhundleni sokuba nombungazo omkhulu nokumpongoloza nokuqhubeka njengoba kwenza lonke izwe, masithathe isidlo maphakathi nobusuku. Niyabo? Niyabo, sikhonze iNkosi. UMfowethu Neville uvumile ukuthi ucabange ukuthi kuzofaneleka ngempela. Futhi namhlanje ebusuku, iNkosi ithanda, ngizobe ngenzisa isidlo ngeleshumi nambili nqo namhlanje ebusuku. Futhi sizoqala

uNyaka oMusha, kungesikho ngokumpongoloza nokuqhubeka, okungukuthi konke kulungile uma befuna ukwenza lokho, kodwa asikwenze nje kwahlukaniselwe futhi kubeqotho, futhi masingene kulonyaka ngendlela yobuqotho kuKristu, sinika ngakho konke esinakho, nokuzibophezela kwethu. Hhayi ukuphenya ikhasi elisha noma into enjalo, siqale unyaka omusha, asikholelwa kuleyonto. Uphenya ikhasi elisha kuphela u—ukuphambana nakho ngosuku olulandelayo, ngakho asiphendulele izimpilo zethu kuYe nje, futhi sithathe isidlo namhlanje ebusuku maphakathi nobusuku. Futhi ngikholwa ukuthi ngokokuqala ukuthi ngake ngakhumbula, selokhu ngibe ngumfundisi, okokuthi njalo ngikwenze. Uyakukhumbula, Mfowethu Neville na? Kodwa yinto ethize entsha engeyethu manje, futhi akuvamile ngempela ukuthi uNyaka oMusha ufika ngapha kanje, uyazi, ngakho nje—nje kungishayile, futhi ngicabange ukuthi kuzogadla.

7 Ngicabanga ukuthi manje-ke lokho kuzoba cishe okokugcina ukuthi ngizokwazi ukukhuluma nani nonke isikhashana manje, ngingena oNyakeni oMusha, ngingena phandle ensimini, enkonzweni yeNkosi. Ngizohamba cishe ngeviki elizayo, noma ekuqaleni kweviki elilandelayo, ukuya ePhoenix, cishe ishumi nanhlanu, imihlangano eyishumi nesithupha eqondile, kuzozonke izigodi, naphezulu ngidlula eSunny Slopes neScottsdale, futhi ngizungeze konke phandle ngezigodi lapho. Bese kuthi-ke sineNgqungquthela yeChristian Businessmen ephelela lapho, okuyingqungquthela yezinsuku ezinhlanu ekugcineni kwayoyonke lemihlangano. Bahlelile ukuze ngikhulume kuwowonke amahlelo, kuwowonke amabandla abo kuyoyonke indawo eyakhelene nedolobha elikhulu yeMaricopa Valley ePhoenix. Futhi baqala ziyishumi nanhlanu. Ngakho ngizohamba lapha cishe izinsuku ezilishumi ngaphambi kwesikhathi, ukuze . . . Ngima mhlawumbe ukubona umngani wami omuhle, uMfowethu Moore, nabaningana babo ngehla. Ngakho-ke kuzoba mhlophe ngenxa yeqhwa ukunqamula ezindleleni, kanjalonjalo, futhi ngihambe ngesikhathi. Bese kuthi-ke ngi . . . iningi lenu bantu ningabefundisi.

8 NoMfowethu Roy Borders, uma elapha kulokhu ukusa, uvamise ukugcina ngohlu imihlangano njengoba bebiza imihlangano. Futhi ngalamaholidi kaKhisimuzi, awu, ngokuvamile ngenza uhlu lwezindawo ezizohanjwa lwalapho ngonyaka olandelayo, kodwa kulonyaka ngandlela thize ngizwe ukuthi angingakwenzi lokho. Ngizwa ukuthi ngiyohamba futhi ngibe nomhlangano owodwa, bese kuthi-ke lapho Engiholela emhlanganweni olandelayo ngiyohamba kusuka lapho. Bese kuthi-ke kusukela emhlanganweni olandelayo, noma ngabe ukuphi, nje ngihambe njengoba Engihola.

9 Futhi ngibheka manje into ethize ezokwenzeka kulonyaka. Nemibono eminingi ubufika kimi maduzane. Ngokunye ukusa

omkhulu futhi nakho konke umayelana futhi ubukeka njengento ethize enkulu elungiselela ukwenzeka. Ngakho ngilokhu ngethemba Yena. Eminye yayo angiyiqondi ngisho. Futhi asiyiqondi imibono, ifana kakhulu njengokomfanekiso futhi asiyitholi nje ncamashi ngezinye izikhathi, kodwa siyazi ukuthi iqinisile, empeleni. Ngakho, izofezeka. Ngiyibhala phansi.

10 Futhi ngakho ngikholwa ukuthi kumenyezelwe nakho, noma obekumele, ukuthi kokubili ibhodi yabaphatheli nebhodi yabadikoni izohlangana lapha etabernakele ekuhlanganeni, umhlangano wokuhlanganyela, ngelesikhombisa nqo kusasa ebusuku. Manje ake ngimemezele lokho futhi ukuze uma abadikoni, noma ngabe akuphi, uma ekwelinye igumbi angahle ezwe embhobhweni omncane, ukuthi kusasa ebusuku ngelesikhombisa nqo, bobabili umelusi—bobabili umalusi, ibhodi yabadikoni nabaphatheli, ngitsheliwe nje emizuzwaneni embalwa edlule ukuthi bebezohlangana kusasa ebusuku. NoMfowethu Neville ufuna ukubona ibhodi yabadikoni bakhe futhi akhulume nabo, futhi abaphatheli banesikhathi somhlangano wabo ojwayelekile, futhi ngakho bazohlangana ndawonye kusasa ebusuku.

11 Manje, kulokhu ukusa, ngaphambi kokuba siye eZwini, manje, o, asingabi ekungajahini nganoma yini. Ninelanga lonke namhlanje, nanamhlanje ebusuku nakusasa, asithathe nje isikhathi sethu futhi—futhi singaziphuthumi lezizinto. Isizathu, ngiyazi abantu bayakhathala noma bakhandleke futhi, noma, bafuna ukuya ekhaya, niyazi, okwabo . . . ukujaha, banesidlo sabo sasemini, nabayeni babo usilindile. Ngani, manje-ke, lokho ku—lokho kulungile, thanini nyelele nje ngokuthula. Na—na—nabanye benu bafuna ukuhlala, kulungile. Futhi asi . . . Anidingeki ukuba nisebenze kusasa, manje, futhi ngakho sithatha nje isikhathi sethu. Futhi yingalesosizathu ngicabange ukuthi esikhundleni sokushumayela cishe nje amahora amathathu noma amane, ngizothatha amahora ayisishiyagalombili noma ayishumi ekufundiseni.

12 Bonke labobanto abavela eGeorgia naseAlabama bangenza ngazizwa ngijabule kakhulu ngobunye ubusuku. Ngikholwa ukuthi ngangiphandle ngase-ofisi, futhi bonke wayesebehambile ngaphandle kukaBilly, futhi wathi . . . uMfowethu West nabo, abangabangani abakahle abathembekile ngempela. Angibaboni lapha, kodwa ngicabanga ukuthi balapha. Wambiza wayesethi, "Awu, ngabe uMfowethu Branham uzoba noSonto Sikole, ngeSonto ekuseni na?" Futhi kuyabandisisa eLouisville, izindaba zathi bavimba imigwaqo emikhulu ukungena nokuphuma, futhi kuyashelela emigwaqeni.

13 UBilly wathi, "Awu, kunokwenzeka." Wathi, "Wehlela lapho." Wathi, "Mhlawumbe uMfowethu Neville noma yena, oyedwa."

14 Wathi, “Awu, lokho kunokwenzeka kwanele kahle, sifika lapho ke!” Yonke indlela sisuka ezanzi le eAlabama, nangale emigwaqeni eshelelayo, futhi a—angifanelekile ukuba nabangani abanjalo. Manje, lelo yiqiniso. A—angifanelekile ukuba nabangani abanjalo. Kunokuthize ngakho. Futhi ngiyazonda ukumemezela umhlangano, ngazi ukuthi nginabantu abakholwa nguMlayezo, futhi—futhi bafika, futhi—futhi bayangithanda.

15 Futhi be—futhi bengihlala njalo ngifuna ukuthandwa. Ngenkathi ngisengumfanyana ngangingathandwa muntu. Akekho owayenomsebenzi ngami. Ngangilapha eIndiana, ngazalelwa eKentucky, ngakho ngangingumbhuli kakolo kulezizinganyana ngapha. Emndenini, bonke abafana, cishe, babhema futhi baphuza nayoyonke into, ngaphandle kwami. Futhi nga—ngangiyisilahlwa emndenini, nesilahlwa esikoleni, nasemsebenzini ngangiyisilahlwa, nandawo zonke lapho engaya khona ngangiyisilahlwa. Kwase kuthi-ke ekugcineni sengithole uMuntu mumbe owangithanda ngokoqobo, uJesu, futhi Wathi, “Ngiyonipha obaba nomama, abafowenu, odadewenu, nabangani.”

16 Futhi-ke into engavamile ukuthi kanjani ukuthi abaprofethi abakhulu baKhe abahlakaniphile, ukuthi Uzenza kanjani izinto ekuphumeni kwaKhe. Kubukeka sengathi uthando lunomuzwa oxakile kukho; kungesiwo umuzwa, kodwa u—ukuphendula. Ngase-ke ngibheka phakathi kwabantu, njengoba Engibizile ukuba ngibe yinceku yaKhe, futhi ngibheka phakathi kwabantu futhi ngibone isono singena sinyelela, bese-ke ngizofanele nje ngidabule ngingene lapho ngakho konke okukimi, niyabo, ukukudabula nje. Futhi lokho kwenza kubukeke kunzima e . . . endleleni yami yokukubuka, ngani, ukusho lezozinto. Kodwa, nokho, phansi emnyombweni, uthando lweqiniso luhamba kanjalo. Niyabo, uthando lweqiniso.

17 Manje, uma umfanyana wakho noma intombazanyana ibidlala esitaladini lapho kugijima khona izimoto, futhi ubuwazi ukuthi maduzane noma kamuva bebezolimala. Manje, uma ethi, “Ngani, Baba, ngifuna ukuba phandle lapha.” Ubuyothi, “Busisa inhliziyo yakho encane, Junior, hamba nje uqhubeke khona nqo futhi udlale esitaladini”? Lowo akusuye ubabayi wangempela. Uma udingeka udluthule lowomfo omncane bese umnika ukuthwansula, umthethise, umbophe, nayikuphi okunye, umsuse kulesositaladi, uzobulawa. Kunjalo na? Awu, yileyondlela ofanele wenze ngayo ngeVangeli. Ufanele unyakazise futhi ufuqe, futhi—futhi—futhi uzame ukwenza yonke into ongakwazi ukuyenza ukugcina abantu besemgqeni. Manje, ngithemba ukuthi wonk’umuntu uqonda lokho ngaleyondlela. Ngi—ngithemba ukuthi langa limbe nje lapha emva kokuba konke sekwedlule bese kuthi-ke uma amaveyili esesusiwe phambi kobuso bethu, siyoqonda-ke.

18 Mfowethu Way, ngi. . .leloBhayibheli elihle wena noDadewethu Way enangipha lona njengesipho sikaKhisimuzi, lokho kuzoba yinto enhle ukugcina amanothi ami esikhundleni sebhuku elinjengaleli, uma ngithola ithuba lokukutayipha. Angifuni ukubhala, ngoba angikwazi ukubhala kahle, futhi noma ngubani engakwenza kanjani na? Ngabatshela ukuthi bengibhala nginqamulela konke okwami. Futhi ngidingeka ngikufundisise mina uqobo ukubona engikushilo. Futhi ngi—ngiyakutayipha ngelinye ilanga. Yikhasi elingabhalwe lutho eBhayibhelini, ongalithatha nje njengalapha. Ngibezindikimba ezimbili lapha kulokhu ukusa, izindawo ezimbili engifuna ukufunda kuzona. NakuleliBhayibheli angiphe lona, ulidonsa ka*nje*, futhi ungathatha ikhasi elilodwa kuGenesise, iSambulo, nayikuphi, futhi uwabeke omabili ndawonye, futhi uwafunde ngaphandle kanjalo, niyabo. Bese kuthi-ke indawo encane emuva lapha kwingemuva nekhasi elingabhalwe lutho, ungabuyela emuva nje kuwo, kuyoyonke imiBhalo elotshwe phansi kulowomlayezo nezinto. Liyamangalisa. Ngakho ngithemba ukuthi ngizosiza ngizuze imiphefumulo eminingi kuKristu ngalo.

19 UNkulunkulu abusise ngamunye wenu. Ngifuna ukusho futhi ngesipho esihle sikaKhisimuzi leso ngamunye angipha sona. Ibandla lingiphe isudu entsha, o, ngiyijabulela kanjani! Futhi ngithole amasudu amabili amasha kaKhisimuzi. Mfowethu, ibandla elincane ezansi eMacon, eGeorgia, ezansi lapho, uMfowethu Palmer, ungithumelele isudi entsha. Netabernakele lingipha isudu entsha, futhi kunezinto ezinhle eziningi engiziphiwayo, ne—nezipho zikaKhisimuzi emgqeni wemali. Okungukuthi, umnyango wentela engenayo ungitshela ukuthi uma kuyisipho sikaKhisimuzi futhi sibhalwe ukuthi "isipho sikaKhisimuzi" noma i "sipho sokuZalwa," noma ngabe yini, ungakwemukela; kungenjalo ukuthi ngizo. . .ku—kuya emsebenzini, okungukuthi kulungile. Futhi ngempela nginibonga nonke, unkosikazi nami, nabantwana, futhi sonke sizwakalisa ukubonga kwethu ngamunye, nonke, kuhle kakhulu. Sifisa sengathi singaya emuva futhi sibuyisele isipho kini nonke, kodwa nje ungekwenze lokho, niyazi, uvele nje. . .He, ngi—ngingekwenze lokho. Ngifisa sengathi ngingakwenza, kodwa ngi—ngingekwenze nje. Ngithemba ukuthi niyaqonda. Futhi ngiyazi ukuthi lokho ngumuzwa kamfowethu oligugu ehlezi lapha, naye. Sizwa nje abantu basithanda kanjalo, siyabathakasela.

20 Manje, asikhothamise amakhanda ethu senzele umkhuleko, futhi silungele, ukuqala uMlayezo kulokhu ukusa. EBukhoneni bukaNkulunkulu ophilayo siza manje, ngokuzotha, nasekuMesabeni, siza eGameni leNkosi uJesu, sazi ukuthi singeze futhi sithi, "Manje, Baba, nangu uWilliam Branham, noma, uOrman Neville," noma ngabe ngubani esingaba

nguye, besiyonqatshwa ngokushesha. Kodwa sinesiqiniseko ukuthi Wathi, “Uma nicela kuBaba noma yini eGameni laMi, niyakuphiwa khona.” Ngakho angiqageli ukuthi ngingakuthola, ngisebenzisa igama lami, noma yini evela kuYe. Kodwa ngiyazi ukuthi nxa ngisebenzisa iGama leNdodana yaKhe, khona-ke ngifumana ukunxusa kwami, ngokuba ngithemba Yena. Siphila futhi sinobuthina kuYe. Futhi sinokubonga kulokhu ukusa, Nkulukulu, ngakho konke Ayikho kithi, nalokho ukuphila kwethu nobuthina okuphelele.

21 NgiYakubonga ngalelibandla elincane, ngomalusi walo, nangabaphatheli nabadikoni, wonke amalunga. Futhi nginokubonga ngoMoya oNgcwele obabhekile. Kwangathi lowoMoya oNgcwele omkhulu ungaqhubeka ubahole futhi ubalawule ezindleleni zezinyawo Abezobahambisa kuzo. Ngifunda emaTestamenteni, eliDala neliSha, nasonyakeni waseNayisiya futhi, nokuthi kanjani ukuthi uma ukugula kwagadla phakathi kwabangcwele, ibandla lonke lahambisana, nganhliziyo’nye bacela uNkulunkulu, nokunxusa kwabo baphiwa khona. Ngamunye njengamalunga oMzimba kaKristu, bezila ukudla futhi bekhuleka, noNkulunkulu wezwa futhi waphendula umkhuleko. Baba, kwangathi lelibandla elincane libophezeleke kakhulu kakhulu ezibophweni zothando komunye nomunye noMoya oNgcwele, kuze kube libe njengomunye walabo, ukuthi akusayibakho kuhilizisana phakathi kwethu kulonyaka ozayo. Kwangathi kungaba nje nothando olungcwele, nawowonk’umuntu ehamba endleleni kaKristu, kuze kuthi abahambi abaningi abakhathele ngasemgwaqeni bazofika futhi basindiswe. Kwangathi kungashiwo ukuthi ngenkathi ningena kuleminyango yesakhiwo esincane, ukuthi uBukhona bukaNkulunkulu kuhlangabezana nani ngokwamukela okumnandi. Susa ukugula phakathi kwethu, Nkosi.

22 Futhi sinokubonga ukuthi sinezinhliziyo ezilambileyo ukuzwa iZwi laKho. Qhubeka ulambisa izinhliziyo zethu kuWe, Nkosi. NjengoDavide wasemandulo wathi, “Njengendluzela ilangazelela amanzi omfula, umoya wami ulangazelela Wena.” Ngicabanga ngendluzela encane, idiye njengoba singambiza kanjalo namhlanje, ukuthi ibidwengulwe ngamankentshana, futhi iyopha. Ilahlekelwa ukuphila kwayo, futhi ifanele ithole amanzi uma ibheke ukuba iphile. Kuthi ingafumana amanzi, ukuphila kwayo kuyahlunyeleliswa. Kwangathi singomiwa kangako, Nkosi, ukuthi sifanele sibe noKristu uma siphila, sifanele sibe noKristu uma siba yiBandla esilicelayo. Uma siphila izimpilo esifuna ukuyiphila, sifanele sibe noKristu noma sizofa.

23 Manje sisavula iZwi laKho kulokhu ukusa, ukuthola induduzo namatshe okwenyuka, ukusisondeza kuYe, ngiyakhuleka, Baba, ukuthi uMoya oNgcwele uzosivulela iZwi, ukuze thina, Nkosi, njengezinceku zaKho, sizohlonyiswa

kangcono ukubhekana nonyaka omusha. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

24 Manje, ngicabanga kulokhu ukusa ukuthi ezisekelweni zokuba unyaka omusha, ngicabange ukuthi bekuyoba kuhle mhlawumbe ukuthi bengiyobeka eceleni uMlayezo wami woNyaka oMusha kuze kube namhlanje ebusuku, futhi ngibuyele emuva lapha kweminye imiBhalo kaSonto sikole, bese ngithatha indikimba ukukhuluma ngayo okwesikhashana, kwesinye sezihloko ezisemqoka engazi ngazo eBhayibhelini. YiMfundiso ukuthi iNkosi yethu yayishumayela kuqala, iMfundiso yokuqala uJesu ayishumayela, futhi ngicabanga ukuthi koba kuhle ukuba siyenze ukufundisa kwethu konyaka omusha.

25 Manje, ngabe kupholile kini nonke, phakamisa isandla sakho, uzwa ukubanda okuncane na? Ngicabange ukuthi ngikuzwile phezulu lapha. Dok, noma ngabe ukuphi, yithi ukuvula isishayisa moya kancane nje, ngoba ngiyakuzwa lapha kuzungeza. Ngiyazi nibophezelekile ukuphuma lapho, abanye benu bantu, ikakhulu abanezingane.

26 Manje asiphenye emaBhayibhelini ethu kulokhu ukusa, kwabase-Efesu, isahluko 4 kwabase-Efesu, futhi manje-ke sizoqala ukufunda kwele 11, ivesi 11 lesahluko 4 kwabase-Efesu. Bese kuthi-ke sizophenya-ke kusuka lapho-ke, kusuka lapho, siye kuJohane 3:1-12, futhi sifunda izindawo ezimbili emBhalweni. Sifunda manje esahlukweni 4 kwabase-Efesu, nevesi 11, ngiqala.

> *Nguyena futhi owanika abanye, ukuba babe ngabapostoli; abanye, abaprofethi;. . .banye, abavangeli; nabanye, abelusi nabafundisi;*
>
> *Ukuze abangcwele bapheleliselwe,* ukusebenza *wokukhonza, kwakhiwe umzimba kaKristu:*
>
> *Size sifinyelele sonke* e*. . .bunyeni bokukholwa, nasekwazini iNdodana kaNkulunkulu, ekupheleleni, ebudodeni obupheleleyo, esilinganisweni sobukhulu bokugcwala kukaKristu;*
>
> *Ukuze singabe sisaba yizingane, sishukunyiswa okwamaza, sipheshulwa yimimoya yonke yezifundiso, ngenkohliso yabantu, ngobuqili babantu, ngokuhlakanipha kube icebo lenkohliso;*
>
> *Kodwa sikhuluma iqiniso ngothando, sikhuleke ngakho konke* kuye*, oyinhloko, uKristu:*
>
> Ngokuba *kungaye umzimba wonke uhlanganisiwe ubambene ngokwelekelelana kwamalungu onke awo, njengokusebenza okulinganiselwe yilelo nalelolungu,* wenza *kukhuliswe kumzimba ube yisakhiwo othandweni.*

27 Manje, ngifunda lelo ukuze kuzoninika into ethize ukuyifundisisa emva kokuba senifika ekhaya. Manje ngizofunda indikimba yami kuJohane 3, umBhalo ojwayelekile ngempela.

> Futhi *kwakukhona umuntu wakubaFarisi, nguNikodemu igama lakhe, isikhulu sabaJuda:*
>
> *Lowo-ke weza kuJesu ebusuku, wathi kuye, Rabi, siyazi ukuthi ungumfundisi ovela kuNkulunkulu: ngokuba akakho ongenza lezizibonakaliso ozenzayo, uma uNkulunkulu engenaye.*
>
> *UJesu waphendula wathi kuye, Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kuwe, Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone umbuso kaNkulunkulu.*
>
> *UNikodemu* wathi *kuye, Umuntu angazalwa kanjani esemdala na? angangena ngokwesibili esiswini sikanina, azalwe na?*
>
> Ephendula *uJesu, waphendula wathi, Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kuwe, Uma umuntu engazalwa ngamanzi nango*. . .*Moya, angengene embusweni kaNkulunkulu.*
>
> *Lokho okuzelwe yi*. . .*nyama kuyinyama; nalokho okuzelwe ngu*. . .*Moya kungumoya.*
>
> *Ungamangali ngokuba ngi*thi *kuwe,* U*melwe ukuzalwa ngokusha.*
>
> *Umoya uphephetha lapho uthanda khona, uyaluzwa udumo lwawo, kodwa kawazi lapho uvela khona,* noma lapho *uya khona: banjalo bonke abazelwe nguMoya.*
>
> *UNikodemu* wathi, *waphendula wathi kuye, Lokhu kungenzeka kanjani na?*
>
> *UJesu waphendula wathi kuye, Wena ungumfundisi ka-Israyeli, awukwazi lokhu na?*
>
> *Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kuwe, Sikhuluma* e*sikwaziyo, sifakaza* nge*sikubonileyo; futhi* anibamukeli *ubufakazi bethu.*
>
> *Nxa nginitshelile okomhlaba,* awa*kholwa, ningakholwa kanjani, uma nginitshela*. . . *okwasezulwini na?*

28 Manje, uNkulunkulu akabusise iZwi laKhe. Futhi ngifuna ukuthatha isifundo kulokhu ukusa ngeMfundiso yokuqala kaJesu. IMfundiso yokuqala kaJesu, yayingukuthi: *Ufanele Uzalwe Ngokusha.* Leyo kwakuyiMfundiso yaKhe yokuqala. Manje, ngendlela kaSonto sikole, ukuze ngingashumayeli futhi ngishise iphimbo lami nya okwanamhlanje ebusuku, ngicabangile enhliziyweni yami ukuthi lena yinto ethize ukuthi ibukeka ididana, nakubantu, sizwa kakhulu ngayo sonke isikhathi, futhi ngicabange ukuthi kuzoba kuhle kulokhu ukusa

uma nje sihlolisisa lesisifundo, sisicacise sonke. Futhi lokho yisiqaliso sokuqala: *Ufanele Uzalwe Ngokusha*. Futhi singesijule kabi kabi.

29 Futhi si—sithola ukuthi kunezincazo ezehlukene eziningi kakhulu abantu abazibeka kukho. Ngokusondele wonke amabandla asho ukuthi ufanele uzalwe ngokusha, kodwa ngalinye banokuhumusha kwabo—kwabo okwehlukene kukho, kuchaza ukuthini ukuzalwa ngokusha. Ngingahle ngiye ebandleni leMethodisti kulokhu ukusa, bathi, "Sikholwa ukuthi ufanele uzalwe ngokusha." Nikuhumusha kanjani na? Ngiya ebandleni lamaBaptisti, "Futhi sikholwa ukuthi ufanele uzalwe ngokusha." Nikuhumusha kanjani na? Futhi ngingaya ebandleni ngalinye, futhi singathola, uma siye kuwowonke amahlelo angamakhulu ayisishiyagalolunye ehlukene, bekuyoba nokuhunyushwa okungamakhulu ayisishiyagalolunye okwehlukene. Ngakho, sibona ukuthi kunokuningi kakhulu ukuhunyushwa okwehlukene, futhi nokho iMfundiso yeBhayibheli, kufanele kubekhona, futhi likhona, iQiniso ndawondawo.

30 Ngakho, manje khumbulani, alishongo ukuthi, "*Bewufanele* uzalwe ngokusha," kepha "u*fanele*!" Manje, thina, njengabantu abakhuluma isiNgisi, siyaqonda ukuthi igama *fanele* lichaza ukuthini, lokho ngukuthi, "kungokuphelele, umele ukwenze." Niyabo, kungoku*fanele*! Hhayi ukuthi "ubufanele, ubuyoneliseka uma wenzile," kodwa "u*fanele* uzalwe ngokusha!" O, uma singathatha lelogama kulokhu ukusa futhi silihlaziye, ukuthi lichaza ukuthini, ukuthi lokho akunakwenzeka nhlobo kanjani...Bese kuthi-ke uma kusemqoka kangako futhi kukukhulu kangako, ukuthi akunakwenzeka nhlobo ukungena eMbusweni weZulu, noma uWubone ngisho, kuze kuba uzalwa ngokusha, nokuhunyushwa okuningi kakhulu kwalelogama, *ukuzalwa ngokusha*, besifanele sikufune ngayoyonke inhliziyo yethu, ukuthola ukuthi kusho ukuthini.

31 Akukho muntu phakathi lapha ofuna ukuya ekuhlushweni, akukho muntu. Futhi anishayeli amakhulu amamayela, phezu kwemigwaqo eneqhwa, futhi nichithe ukuphila kwenu, imali yenu, ukuza nje ebandleni lapha ukuba, awu, nithi, nixhawulane nabantu (nakuba nithanda ukwenza lokho), nokuzwa umalusi nami uqobo nabanye abefundisi bekhuluma iZwi (uthola lokho noma ngabe ukuphi, abelusi, abefundisi, njengoba sinjalo, izinceku zikaKristu), kodwa kunokuthize okukudonsela lapha, futhi ikakhulukazi kulendawo. Ngakho-ke, ngumsebenzi wethu esiwumiselwe njengabelusi, ukubona ukuthi lomhlambi uyondliwa, futhi wondliwa ngokuyikho, ngoba uNkulunkulu uSomandla uyofuna igazi lenu ezandleni zethu. Ngosuku lokwaHlulela, siyoniphendulela. Ngakho, sibona lomthwalo onzima kakhulu obekwe phezu kwethu, noNkulunkulu usinike

abantu abasithandayo futhi beza ukuzosilalela, ngakho simele sisebenzise isikhathi sethu njalonjalo siqaphela imiphefumulo yenu. Futhi ngenkathi yona into yokuqala encane esiyibona ivuka engalungile, kungumsebenzi esiwumiselwe ukuza kulowomuntu, ngoba singabelusi bezimvu siqaphele leyomvu. Futhi uma ngibona leyomvu idla ukhula oluzoyibulala, kungcono ngiyeluse ngiyisuse kulolokhula; siphula ukhula ulususe kuyo ukuze ingafinyeleli kulo, ngoba luzobulala imvu.

32 Futhi kunokwaziwayo emazweni aseNtshonalanga ukhula okuthi i, isilwane esingaludla, lubizwa ngokhula oluhlanyisayo. Angazi ukuthi ngabe ukhona owake wezwa ngalo noma qha, ukhula oluhlanyisayo. Yebo. Ihhashi lingadla lolo, futhi nje ungeke wenza lutho ngalo. Liba ngumgulukudu nje. Ungeke wabeka isihlalo sehhashi kulo, futhi ngeke wenza lutho ngalo. Lubizwa ngo "khula oluhlanyisayo." Futhi ufanele uqhelise imfuyo yakho—yakho kulolokhula. Futhi uma luyobangela ihhashi lidle okuthize, uma ihhashi, njalo, liyodla okuthize okuliphonsela kulesisimo, ekuveveni, ngani, ubuyoba yikhawa bhoyi elibi kakhulu ukuvumela ihhashi lakho lidle ukhula, ukhula oluhlanyisayo. Kukhombisa ukuthi awukhathaleli.

33 Futhi umelusi wangempela, inceku yangempela kaKristu iyoba isibonelo esibi sikaKristu, ukubona imvu idla okuthize okuzoyixosha, noma iyenze umgulukudu phambi kukaNkulunkulu, umaphuli weZwi laKhe, umaphuli wemiyalo yaKhe. Umele ungakwenzi lokho. Umele uqaphe lokho eduzane kakhulu.

34 Ngakho leMfundiso enkulu kaJesu elotshwe lapha phambi kwethu, eBhayibhelini, "Ufanele uzalwe ngokusha." Kunamaningi kakhulu amahumusho akho, njengoba ngishilo phambilini, kwaze kwaba, ngicabange kulokhu ukusa, ngenxa yabaningi obelokhu engibuza ukuthi kwakuchaza ukuthini nokuthi bangaba kanjani ngamaKristu angempela, ngase-ke ngicabanga mhlawumbe ukuthi sizobhekana nalesisifundo futhi sisithathe ngokucacile nje njengoba ngazi ukuthi nisinikwa kanjani. Futhi akungayo indlela yentshumayelo, kungendlela yokufundisa uSonto sikole, ukuze abantu bengakwazi ukuthola uMlayezo. Manje, ukuhunyushwa okuningi koku "zalwa ngokusha."

35 Futhi manje ngisho lokhu, futhi ngiyazi ukuthi kuya eteyipini, futhi ngifuna ukusho lokhu kubelusi mhlampe abazomukela leteyipu. Ngicabanga ukuthi mhlawumbe ukuhluka okuncane nje kulokho ibandla elijwayelekile elikufundisayo, ngiyafundisa futhi ngiyakholwa, futhi ngikholwa ukuthi angafakazisa ngokwenele ngomBhalo, ukuthi uzalwa ngoMoya bese-ke ubhaphathizelwa eMzimbeni ngoMoya oNgcwele.

36 Manje, abaningi babo bafundisa ukuthi ukwenyuka nje futhi ubonakale phambi kwebandla, nokunye nokunye, njenge—njengesoni, ukuthi ufuna ukwamukela uKristu njengoMsindisi wakho uqobo, ukuthi lokho ngukuZalwa okusha. Abaningi bakholwa ukuthi umbhaphathizo wamanzi ngukuZalwa okusha. Nabanye babo bakholwa ukuthi u—uzalwa ngamanzi ngenkathi ubhaphathizwa emanzini. Futhi maningi kakhulu amahumusho ahlukene akho. Abaningi babo, abaningi bakholwa ukuthi ukusho ngekhanda isivumokholo futhi ukholwe emfundisweni yebandla, wemukele nje futhi uthi, "ngikholwa ebandleni elingcwele lika*Sbani-bani*. Futhi—futhi ngikholwa uNkulunkulu engu—enguMsindisi womuntu, nokunye nokunye. Futhi kusukela namhlanje kuqhubeke, ngi—ngiba yilunga lalelibandla, nenhlanganyelo namaKristu." Bakholwa ukuthi lokho nguku "zalwa ngokusha."

37 Futhi nakuba isivumokholo abasisho ngekhanda, angikholwa ukuthi singakugxeka, abanye babo bamsulwa futhi bangcwele, abanye babo bangokomBhalo ngempela, kepha umBhalo awusetshenziswa endaweni efanele. Futhi, ngisho besebenzisa umBhalo, ngikholwa ukuthi ukuZalwa ngokusha into ethize engale kwalokho. Nakuba ungahle ukuhlose kahle kangakanani, ngikholwa into ethize ukuthi ukuZalwa kabusha kuqhele ngaleya kwezinjongo zakho ezinhle nemicabango yakho, imiqondo, kungale kwalokho.

38 Angifuni ukusho lokhu ukuze ngibe nokuthuka okungcwele, futhi angiphonsi nanoma yikuphi ukuphahlaza kunayinoma iyiphi inhlangano yebandla, kodwa okuningi kwakho kungikhumbuza nge—nge—iJuda, elincane . . . yihlaya. Futhi angikholelwa ekutheni amahlaya angashiwo epulpiti, akusiyo indawo yehlaya. Futhi ngakho-ke ukuzisa lesisitatimende enginaso emqondweni wami, akusikho okwehlaya, kodwa ukuveza ukuzwakalisa kwalokhu engikuchazayo. Ukuthi umpristi oyiKatolika ngesinye isikhathi waya ekhaya ne . . . ngoLwesihlanu, nomusha ophendukile ebandleni eliKatolika. NeKatolika eliphendukile lalibhake ihemu, wase ethi, "Fata, ngiyaxolisa, emva kokuba ukukhumbula kwami kubuya kimi, lolu uLwesihlanu. Kodwa ngiyakholwa ukuthi ngokwemfundiso yethu enkulu yebandla, ukuthi ngesinye isikhathi ngake ngaba iJuda, futhi wafafaza amanye amanzi angcwele kimi futhi wangiphendula ekubeni iJuda ngaba yiKatolika. Manje ngiyakufafaza amancane alawomanzi afanayo phezu kwalehemu futhi ngenze inhlanzi ivela kuyo." Manje, lokho ngukuthi, ukusho lokho akuwenzi inhlanzi. Usalokhu unguhemu, akunandaba ukuthi amanzi angcwele angahle azifanise nani.

39 Futhi akunandaba ukuthi sizama kangakanani ukucabanga ukuthi silungile ngokusho isivumokholo noma ukujoyina ibandla, useyilokho obuyikho uze ngokwempela uzalwe

ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu. Akukuguquli. Isivumokholo sakho, ukujoyina ibandla, noma ukuguqula imibono yakho, noma izinjongo zakho ezinhle, nakuba kukuhle njengoba kungahle kubukeke, kuselokhu kungesikho. Kunento ethize emele yenzeke, ukuzalwa ngokusha kuyisehlakalo, into ethize eyenzekayo. Ngakho akusikho ukuthi lokho kuletha ukuzalwa kabusha. Manje, amabandla ehlukene, ayothi, "Awu, yemukela *lokhu* noma ukholwe *lokho*, futhi kulungile." Kodwa akunjalo.

40 Manje, kwasekuqaleni, ukusekela emuva, isizathu sokuba sizalwe ngokusha yingenxa yokuthi iBhayibheli lisifundisa ukuthi sa "zalelwa esonweni sonke, sabunjwa ebubini, futhi sifika kulelizwe sikhuluma amanga." Ngakho-ke lokho kusikhombisa ukuthi imvelo yethu, kwasekuqaleni, igcwele isono kwasekuqaleni. Asilungile, kwasekuqaleni. Ngakho singeke sizisho kunoma yini ngokwethu ukukhalipha, ubuqotho bethu, *noma* ukuthi sibakhulu kangakanani, noma sibancinyana kangakanani, noma ngabe yini enye, sonke sinephutha, kwasekuqaleni. Futhi akukho'nto sanhlobo esingayenza ngakho. Angeke. UJesu wathi, "Lowo, ngokucabanga, anezele elilodwa istat-. . . omunye wesithombe sakhe esibaziwe, imbenge eyodwa esithombeni sakhe esibaziwe na?" Ungathatha yonke imicabango, uphuphe konke ngayo, uyifunde, uyifundisise, uyivivinye, nayoyonke enye into, futhi ngeke wazisiza nangokuncinyana. Ngakho lokho nje kukulahla konke. Ngijabula kakhulu ukuthi kuyenza, ngoba uma kubekwe emcabangweni wokwazi okuthize, ohlakaniphile, thina bantu esihlwempu esingenamfundo siyoshiywa ngaphandle, ngakho besingeke saba nethuba. Kodwa uNkulunkulu wakuguqula, noma akakaze abenakho ngaleyondlela ekuqaleni. Amabandla njalo akwenza kubenzima. UNkulunkulu ukwenza kubelula. Ngakho kwehliselwe phansi endaweni lapho sonke singabona, sonke singabanakho. Kungokukanoma ngubani othandayo.

41 Manje, manje, umuntu oyedwa angeke asindise omunye. Manje, akwenzi mehluko ukuthi noma ubani uzama ukuthini, akukho muntu ongasindisa omunye. Akunandaba ukuthi uhlakaniphe kangakanani, ukuthi unasiphi isikhundla, makabe ngumelusi, umpristi, umbhishobhi, ukhadinali, noma uphapha, angeke abanento eyodwa angayenza ngokusindisa ukuphila komuntu, ngoba uyisoni qobo lwakhe, wazalelwa esonweni, wabunjwa ebubini, ufika emhlabeni ekhuluma amanga. Ungumqambimanga kwasekuqaleni, nayiliphi igama ayolisho liyoba ngamanga uma laliphambene neZwi likaNkulunkulu nohlelo lukaNkulunkulu.

42 Kepha uNkulunkulu wenzela umuntu icebo ukuba asindiswe. Nomuntu angeke anezela lutho kulelocebo. Yicebo likaNkulunkulu. Futhi lelo yicebo esi, funa ukulifundisisa kulokhu ukusa. Liyini icebo likaNkulunkulu na? Wathi, "Wonke amazwi omuntu mawabe ngamanga, awaMi abe liQiniso."

Ngakho-ke, singelokothe siguqule umusho owodwa, ukuwenza enye into. Akunandaba ukuthi imicikilisho yethu nokunye nokunye kufundeka kanjani, sizomele sikukhohlwe lokho. Leli yiZwi likaNkulunkulu. Angeke nje lenziwa ngenye indlela. UNkulunkulu unecebo, Usevele ulenzile icebo.

43 Futhi, khumbulani, entweni yokuqala, kuze kuba uzalwe ngokusha awusoze waqonda. Wakukhuluma kabili. “Uma umuntu engazalwanga ngokusha angewubone ngisho uMbuso.” “Uma umuntu engazalwanga ngokusha angewubone ngisho uMbuso.” Manje, lokho kuyagcizelelwa, futhi. Igama, ekwenzeni wonke lawomagama, angitshela ukuthi babefanele bawalobe, wona, ngenkathi bethi, “ngiqinisile, ngiqinisile,” lokho ngukugcizelela, njengo—ngo—ngofeleba. “Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kuwe!” Negama endaweni eyodwa, noma ezindaweni eziningi, kuhunyushwa ngokuthi “ngokuphelele.” “Ngokuphelele, ngokuphelele, ngithi kuwe!” Ubani owasho njalo, ngabe ukhadinali, umpristi, umalusi, umvangeli, uphapha na? UNkulunkulu qobo lwaKhe! Manje, akukho zaba. Uyokwenza nakanjani, nakanjani ngakho konke, angeke nanganoma iyiphi enye indlela, akunandaba ukuthi mkhulu kangakanani, ukuthi ubani igama lakhe, ukuthi mkhulu kangakanani, noma udume kangakanani, angeke aqonda ngisho uMbuso kaNkulunkulu kuze kuba uzalwa ngokusha. Isifundo esikhulu. “Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kuwe!” Qaphelani. Hambani nithole ukuhunyushwa kwesiGreki, uzothola, hhayi uku*bona* nga “mehlo” akho, u*bona* nge “nhliziyo” yakho. Niyabo, ungeke wabona uMbuso kaNkulunkulu ngamehlo akho, ngoba uMbuso wangokomoya. Niyabo? Ngamanyamazwi, “Awuzose wakwazi ukuqonda uMbuso kaNkulunkulu uze uzalwe ngokusha.” Konke kuyimfihlakalo engasombululiwe. Futhi uma usuzelwe ngokusha, amacebo oMbuso, uMbuso qobo lwaWo, uba ngowangempela kuwe.

44 Njengosonkontileka ezokwakha isakhiwo, ngale kokuthi afunde upulani edwetshiwe akunasidingo sakhe ukuba azame ukwakha isakhiwo, uma engayiqondi ipulani edwetshiwe. Bese kuthi-ke uma eseqonda ipulani edwetshiwe, khona-ke uyazi ukuthi sakhiwa kanjani isakhiwo. Leyo—leyo yindlela okungayo. Yilokho okwenzekayo ngokwakha uMbuso kaNkulunkulu. Uzofanele uqonde iPulani edwetshiwe, futhi awusoze wazi iPulani edwetshiwe uze kuba uzalwa ngokusha. Futhi uma usuzelwe ngokusha bese uphika iPulani edwetshiwe, kwenzakalani na?

45 Intombazanyana ethandekayo esanda . . . Ngangivamise ukuhamba nomama wayo ngenkathi sisebasha. Futhi wayengothandekayo, owesifazane omuhle. Igama lakhe nguHuff manje, igama lakhe lalinguLee ngaphambi kokuba ashade. Ngenkathi ngangivamise ukwalusa iBandla iMilltown Baptist, babengabeBandla iUnited Brethren, kodwa, o, bangithanda

ngempela ngempela. Futhi yena...Ngangivamise ukuhamba naye. Babakhe emuva le phezulu ngemuva kwaMfowethu Wright lapha. Uku...Futhi ngangivamise ukukhuphukela endlini yabo, nentombazanyana yayiyintombazanyana ethandeka kakhulu, futhi yayiyintombazanyana engumngane kimi. Futhi uMfowethu Lee, indoda ekahle, ethembekile ebandleni, ngokubona kwebandla leUnited Brethern, futhi ngobunye ubusuku wangimema ukuba ngiye ekhaya kanye naye futhi ngihlale ubusuku bonke. Futhi ngathi, "Mfowethu Marrion, ngi—ngiyojabula ukwenza lokho." Futhi ngakho emva kokuba inkonzo isiphelile, awu, i—intombazana nami sangena emotweni futhi sahamba saqhubeka. Futhi ngangifanele ngivule idazini lamasango, ngiyakholwa, ngizungeza ngasegqumeni, naphezulu, ukushaya indlu enkulu endala yezingodo. Awu, sahlala phandle eyadini futhi salinda umama nobaba wakhe, nodade omncane, ukuba banyuke. Ngenkathi benyuka, sonke sangena futhi saba nesidlo sasemini esincane ngalobobusuku. Umama wayenokunye phandle futhi siyadla, futhi—futhi ubaba nami sasilele ndawonye esitezi esiphansi, embhedeni wamaqubu omkhulu kakhulu, no—nombhede wotshani obomile ngaphansi kwawo, niyazi, ubuthongo obumnadi ngampela. Ungcono kunanoma yimuphi walabomatrasi abadala iBeautyrest obatholayo, ngizokutshela lokho. Futhi ngakho sa...Umama namantombazane amabili benyukela esitezi esiphezulu.

46 Futhi ngalobobusuku sisalele lapho, uMfowethu Lee waba nephupho. Futhi wayehlala njalo ephikisana nami ngombhaphathizo wamanzi eGameni leNkosi uJesu Kristu. WayengaWukholwa. Futhi wayengusonkontileka. Ngakho wathi, "Mfowethu Branham, ngiphuphe iphupho nje." Wayesethi, "Ngiphuphe ngenyukela eNew Albany. Futhi bengakha indlu yomuntu, futhi unginike ipulani edwetshiwe. Kodwa ngenkathi sengibone indlela ethile asika ngayo amawindi akhe futhi walungisa indawo ethile, ngathi, 'Lokho akulungile. Angeke kulunge. Lokho kuphambene. Lokho, lokho akulungile.' Ngakho ngikwakhe ngendlela engicabange ukuthi ikahle. Futhi ngenkathi esebuya eFlorida, evela eholidini lakhe, besenginendlu yakhe isithi ayilunge."

47 "Ubuka indlu, futhi uyahamba wase ethola ipulani edwetshiwe wase eyibuka, futhi wathi, 'Awusho, wakhe indlu yami ngokungesikho!'"

"Futhi ngathi kuye, 'Qhabo, angakhanga indlu yakho ngokungesikho.'"

"'Uthini ngalendawo ewu*kuthi-nokuthi* na?'"

"Awu," wathi, "lokho akusikho okwalapho ngempela."

48 "Wathi, 'Kuxebule ukuwise! Uma ulindela ukuba ngikukhokhele, uzoyakha ngendlela ipulani edwetshiwe ekusho ngayo.'"

49 Futhi wathi, “Ucabangani ngalokho, Mfowethu Branham na?”

50 Ngathi, “Ngathi kunomfudlana owehla khona impela ngaphansi kwendlu lapha.” Futhi saya kuwo.

Wathi, “Angifuni nayikuphi ukuxebuka ngalolosuku.”

51 Ngathi, “Kulungise, manje. Kubeke ngokwePulani edwetshiwe!”

52 Kwakhokhela kanjani, masinyane nje enye yakhe... Ngakho-ke intombazane yakhe ishade umfana okahle, indoda ekahle. Ingusomshini ngapha emisebenzini yesikebhe, nomfana wanqunywa juqu umunwe wakhe nga*le*ndlela, indoda ekahle. Futhi banomndeni othandekayo, amantombazanyana amathathu, futhi enye yawo i...wonke amaKristu, futhi bacula ngosicula ngabathathu. Uma sike sibe nomhlangano lapha bayeza ukuzosiculela. Futhi enye yamantombazanyana igogode kumnyuziki wopiyano, futhi yayinguthisha womnyuziki wemizwilili ngenkathi yayisengumntwana nje, ishumi nanhlanu, ishumi nesithupha ubudala. Futhi nabantwana esikoleni babemgcona ngezinto ezehlukene, nangokuba ngumKristu, futhi kwayithusa futhi kwayinika ukwahluleka, futhi yalahlekelwa ingqondo yayo. Futhi babenayo eLouisville, futhi wayezoyiyisa esikhungweni sabagula ngenqondo ngoMsombuluko olandelayo. Futhi babengeke, odokotela babengekwazi ukungivumela ngiyibone. Futhi ngaya ngale njengesivakashi futhi ngahlala ohlangothini lombhede nobaba nomama. Futhi ngekhathi ngisahlezi lapho, uMoya oNgcwele wanyakaza wangena ku, lesi, iOur Lady of Peace Sanitarium eLouisville, lapho abamukela khona iziguli ezinokwethuka, futhi uma kusenethemba ngabo. Ngakho, uma bengebenzele lutho, babathumela eMadison, eIndiana. Nentombazane yayiya eMadison ngaleloviki, ba... yadlulwa usizo. Futhi ngihlezi lapho, umbono wafika phambi kwethu, futhi ngakhuluma entombazaneni ngeGama leNkosi uJesu. Nomama wangixhakathisa ngedolo, wafinyelela phezulu futhi waxhakathisa umyeni wakhe ngesandla, wayesethi, “Akukaze kube liphutha!”

53 Ngathi, “Ungakhathazeki nje, uzophila.” Ngaphuma endlini ngokushesha.

54 Ngalobobusuku ngelesishiyagalolunye nqo, ucingo lwakhala, noma ngikholwa ukuthi kwakukancane ngaphambi kwelesishiyagalolunye, ngaphammbi kokuba ngize ebandleni ngalobobusuku. KwakungeSonto. Nobaba, nenhliziyo yakhe imangele kakhulu, wathi, “Angikwazanga ukuya ekhaya, ngiphethe izindaba ezimnandi, Mfowethu Branham.” Wathi, “Udokotela uyangena futhi wahlola intombazane yami. Wathi, ‘Kwenzakaleni kuyona na? Ingaya ekhaya kusasa.’” Ngenkathi umama wayelalise isidumbu amaviki ambalwa adlule, lapho osicula ngabathathu wayephansi lapho, intombazanyana

ikahle nje ngakho konke engabayikho, yona nomngani wayo womfana, bebahle. O, ngiyakutshela, iPulani edwetshiwe! IZwi likaNkulunkulu yiLo elichaza uhlelo lokuthi simelwe sizalwe ngokusha kanjani.

55 Kuqala, sizibala izoni nezifanelwe ukulahlwa. Futhi sonke sizalelwe esonweni futhi sabunjwa ebubini, akukho ngxenye ezwakalayo ngathi. Imiqondo yethu mibi, umphefumulo wethu ungokhohlakele, ukucabanga kwethu kwanjalonjalo kubi, konke ukucabangela komcabango womqondo womuntu kubi, isoni, futhi nokuthi umzimba wethu ubuthakathaka, umoya wethu awulungile, futhi sigcwele nje ukukhohlakala. Futhi kungenzeka kanjani ukuba into ekhohlakele iveze okunye okuhle ekukhohlakaleni na? Ake ngisho lokhu, lokho kuJobe, isahluko 14, wathi, "Umuntu ozelwe ngowesifazane, ugcwele usizi nokuyaluza, uyavela njengembali, abune." Futhi aqhubeke, njengomprofethi uqhubeka nokukhuluma, wathi, "Ngubani ongaveza okuhlambulukileyo kukho okungcolileyo na? Kakho noyedwa!" Ucwilisa ibhakede lakho emthonjeni futhi udonse ibhakede lamanzi, futhi ngamanzi angagobhozi, ayanuka; uyawabheka, futhi aludaka, neminyundu ikulawomanzi, akukhondlela nhlobo ukuba ubuyise ibhakede lakho futhi uthole ibhakede elihlanzekile. Umthombo wonke wonakalisiwe. Nomphefumulo wonke, umqondo nomzimba womuntu wonakaliswe isono. Uzalelwe esonweni, ngokomzimba, futhi wabunjwa ebubini, futhi ufika ezweni ekhuluma amanga, ngakho-ke ngukuthi umphefumulo wakhe uqobo wonakalisiwe. Akukhonto elungile! Oyedwa angehlenge omunye, ngoba konke akulungile. Futhi ungeke wathatha ibhakede eligcwele amanzi lapha, elonakalisiwe, nelinye futhi ibhakede eligcwele elonakalisiwe, futhi uwaxube ndawonye, unokuningi ukonakala. Akukho kuhlanzwa kukho.

56 Kodwa uNkulunkulu wazinikela ukusindisa umuntu. "WaMethwesa ububi bethu sonke." Inhlawulo ye—yesono, lapho ukuthi usuzalwe enhlawulweni yesono, ukufa. Isono ngukufa. Nehlawulo yayinkulu kakhulu ukuthi akukho namunye wethu obengasiza omunye, ngakho kwakufanele kube khona uMuntu mumbe Owayengakhokha lenhlawulo.

57 Kunganjani uma, kulokhu ukusa, inhlawulo yokuphuma kulendlu yayiyisigidi samadola na? Akekho obengaphuma, isizathu akekho onothe kangako. Kodwa manje-ke uma omunye engenile obenothe ngokwenele ukusikhokhela sonke!

58 Kuthatha Oyedwa. Angeke sakwenza. Kwathatha Oyedwa Owayefanelekile. O, ngifisa kanjani ukuthi bengingama lapha okwesikhashana, futhi ngibuyele emuva futhi ngicoshe uRuthi noMawomi, futhi ngikhombisa ukuthi kanjani uMhlengi oyisihlobo, ukuhlenga ifa elawa, wayefanele, kuqala, efanelekile, wayefanele abe isihlobo. Ngakho-ke, uNkulunkulu, uMoya, uJehova, waba isiHlobo sabafo kithi, ngokuthatha

isimo senyama. Waba isiHlobo sabafo. Wayefanele abe yilokho. Ngakho Wayefanele abe ngofanelekile. Futhi NguYe owaveza lowoMthombo ogcwaliswe ngeGazi, elimuncwe emithonjeni kaImmanuweli. WayenguYe Owathwala ububi bethu.

59 Isifanekiso esihle enginaso lapha kuNumeri. NginemiBhalo yami ibhalwe phansi lapha. KuNumeri, isifanekiso esihle sakho siphakathi lapho, singukuthi, o, kukonke kuhle uma ungakubona, yinyoka yethusi iphakanyiswe ehlane. Kanjani ukuthi uIsrayeli, leyonyoka kubona yayilumela ukufa, futhi kwakungekho khambi. Kwakungekho zinyanga phakathi kwabo eyayinekhambi noma iselapho. Babenezinyanga phakathi kwabo, kodwa kungesiso esalokho kuluma. Njengoba ngishilo nje, akukho zinyanga phakathi kwethu ezingalapha isono. Ngukulumela ukufa, futhi sonke sinecala, sonke sibunjwe ebubini. Sonke sinecala. Kodwa uNkulunkulu wenzani na? Babenecala ngaleyonkathi, kwase kuthi-ke ukufa kwakufanele kukhokhwe, inhlawulo yesono. Kodwa uNkulunkulu wayenoMose ukuba amise inyoka yethusi, wayeseyibeka esigxotsheni, ukuthi akukho lutho abantu abangakwenza, akukho mali ababefanele bayikhokhe, akukho lutho nhlobo, akukho zivumokholo ukuba bazisho ngekhanda, akukho mabandla ababefanele bawajoyine, nje "buka futhi uphile." Niyabona ukuthi kulula kangakanani na? Buka futhi uphile! Ungalijoyini ibandla, akukho dlingozi, awudingeki ukuba uzwe umuzwa oxakile. Buka nje futhi uphile! Yilokho kuphela. Kulula kakhulu. Kungesikho ukuthi uma ungakhumbula yonke imiYalo eyiShumi, nizophila, kungesikho ukuthi uma nazi yonke imithetho sisekelo. Buka nje futhi uphile! Yilokho kuphela obekudingeka ukwenze. Futhi wonke umuntu owabheka phezulu kuYe waphila.

60 UJesu, ngenkathi Wayelapha emhlabeni, Washo, ekhuluma kuNikodemu lapha, Wathi, "NjengoMose waphakamisa inyoka yethusi ehlane, kanjalo iNdodana yoMuntu imelwe ukuphakanyiswa." Ngakho kufanele! Ngani na? Ngendlela efanayo, ngokwento efanayo, inhloso efanayo, ukwenza umsebenzi ofanayo. Izikhathi eziningi lokhu kudida abantu uma bebona inyoka imela uJesu. Inyoka yamela uJesu, kangaka, nike naqaphela ukuthi inyoka yayingukufa na? Kwakungekho kuphila kuyo. UJesu wafa. NjengoKhayini, ngenkathi enqume uAbela, uAbela wafa ealtare nomhlatshelo wakhe; emva kokuba uAbela esenikele umhlatshelo wakhe futhi wabulala umhlatshelo wakhe ngenxa yesono sakhe, khona-ke wafa ealtare elifanayo nomhlatshelo wakhe. Ukuze uzalwe ngokusha, umele ukuba ufe ealtare noMhlatshelo wakho, ufe fi njengoba Wayenjalo. Futhi uzalwe ngokusha. Inyoka yayingenakho ukuphila kuyo.

61 Futhi wena uthi, "Kungani kwaba ithusi na?" Ithusi limele ukwahlulelwa, ukwahlulelwa ngokukaNkulunkulu.

Nike naqaphela eBhayibheli, eTestamenteni eliDala, ialtare lalenziwa ngethusi, lapho umhlatshelo wawushiswa khona na? Ithusi likhuluma ngokwahlulelwa. NjengoEliya, ezinsukwini zakhe, waya kobuka ezibhakabhakeni, ukubona uma kwakukhona yini imvula ezayo emva komkhuleko wakhe, futhi wathi, "Isibhakabhaka sibukeka njengethusi." Kwakuyini na? Ukwahlulelwa ngokukaNkulunkulu phezu kwabantu abangakholwayo, isizwe esingakholwayo esalahla uNkulunkulu. Kwakungukwehlulela ngokukaNkulunkulu, kuyithusi! Nenyoka qobo lwayo, umumo wayo wamela isono esesivele sehlulelwe, ngokuba inyoka yahlulelwa ensimini yase-Edeni. Futhi wayeyi, inyoka, ehlulelwe.

62 Futhi ngenkathi sibuka kuKristu, ubona inhlawulo. Yena kuphela, uNkulunkulu qobo lwaKhe, enziwe inyama. UNkulunkulu eza emhlabeni, futhi wabalela kuYe isono sethu sonke, futhi isahlulelo nolaka lukaNkulunkulu uSomandla kwathululelwa phezu komzimba waKhe, futhi lapho sahlakazwa esiphambanweni. Lokho yisahlulelo sangempela. Wanyathela isigwedlo sewayini solaka lukaNkulunkulu, yedwa. Yedwa, Wahamba indlela. Yedwa, Wafa kungekho nasizo oluvela eNgelosini, oluvela kumuntu, oluvela eBandleni laKhe, oluvela kumama waKhe, oluvela kubazalwane baKhe, oluvela kuBaba waKhe; eshiwe nguNkulunkulu, umuntu nemvelo. Wafa, yedwa, ukusikhombisa ukuthi ngisho imvelo qobo lwayo ingeke yasisiza ehoreni lokufa. Akukho mngani, akukho mpristi, akukho phapha, akukho melusi. Ngukufa. Kodwa kwaba noYedwa Owayithathela thina.

63 Akukho kuphila enyokeni. Kwacaciswa ngokuphelele. Leyo kwakuyinhlawulo. Wafa kwaze kwathi u—umhlaba waba namahloni ngawo uqobo. Wafa kwaze kwathi izinkanyezi zaba namahloni. Wahlushwa kwaze kwathi ilanga langakhanyisa. Wahlushwa kwaze kwathi inyanga yacima ukukhanya kwayo. Wahlushwa kwaze kwathi ngisho izakhi zomhlaba zaba mnyama kakhulu futhi zafiphala kwaze kwaba yiphakathi nobusuku kwafiphala kakhulu ngangokuthi wawungakuphatha. Kwakungelutho. Akekho owake wahlushwa kanjalo noma ongahlushwa kanjalo, akukho okufayo okungadlula kukho. Kodwa Wahlushwa ngakho. UNkulunkulu wabeka phezu kwaKhe ububi bethu sonke, futhi wedlulisela isehlulelo saKhe phezu kwaKhe, futhi Wanyathela isigayo sewayini solaka lukaNkulunkulu, yedwa, engenasizo. Kwakungekho lutho ukuMsiza. UNkulunkulu wabeka inhlawulo. Yonk'into yayingaphansi kwaleyonhlawulo futhi akukho lutho olwalungaMsiza, ngoba sonke sinecala. Akukho mpristi omkhulu owayengeza abe uMsizile. Akukho okwakungaMsiza, akukho phapha, akukho Ngelosi. Yonk'into yamela emuva futhi yakubukela. Lokho kwakuyimizuzwana emikhulu eyake yenzeka emlandweni wezwe. Wafa kwaze kwathi akukho

naconsi lokuphila elasala kuYe, waba njengenyoka yethusi, isithombe esicacile silenga esiphambanweni.

64 Manje, indlela yokuza kulokhukuzalwa, kunedlela yokuza kukho. Futhi ukuba ukuza kulokhukuzalwa, uzomele udlule enkambisweni. Njengayoyonke into ephilayo, yonk'into ephilayo futhi, izomele ife kuqala. Futhi ungeke wagcina umoya wakho ofanayo. Ungeke wagcina imikhuba yakho efanayo. Ungeke wagcina imicabango yakho efanayo. Uzomele ufe. Uzomele ufe njengoba Afa! Uzofanele ufe ealtare laKhe, njengoba uAbela enza ngewundlu lakhe. Uzomele ufe neWundlu lakho. Uzomele ufe. Ufe ekucabangeni kwakho uqobo, uzalwe ekucabangeni kwaKhe, mawube kini umqondo owawukuKristu. Uzomele ucabange imicabango yaKhe. Futhi manje, mfowethu, dadewethu, ake ngisho lokhu ngokuhlakanipha njengoba ngazi ukuthi kushiwo kanjani. Ungayicabanga kanjani imicabango yaKhe futhi uphike iZwi laKhe, futhi nokho uzisho ukuthi uzelwe ngokusha na? Zibuze lowombuzo nje. Ungakwenza kanjani na? Ungeke. Uma uzelwe ngokusha, unemicabango yaKhe. Uma umqondo kaKristu ukini, ngakho niyisidalwa esisha. IBhayibheli lisifundisa lokho. Futhi uma nayimuphi umfowethu ubethanda uku, awu, ufumana leso*sidalwa*, cinga lelogama *isidalwa* kwi—isichazamazwi iLexicon, futhi uzofumana ukuthi igama *isidalwa* kunokuhunyushiwe ngokukhuluma noma kuhunyushiwe ngokubhalwa, "isidalwa esisha," ngoba uyisidalwa sinye, isidalwa esingumuntu sizalwe ngesifiso socansi lapha emhlabeni, futhi manje usuyisidalwa esisha esizalwe ngoMoya. Imicabango yakho uqobo ingefile. Ife kakhulu kuze kuthi icace njengenyoka yethusi, noma njengoba Afa ngenkathi amazulu nomhlaba nayoyonke into yafakaza ukuthi Wayefile.

65 Wafa kwaze kwathi Wafa kakhulu ngangokuthi ngiso iGazi laKhe namanzi kwahlukana eMzimbeni waKhe. Ukufa kwaKhe kwaba kukhulu kakhulu kwaze, ngithi, u—umhlaba waba nokuquleka. Wazamazama, wangqangqazela kwaze kwaqhekezeka amadwala ezintabeni. Yini engafa kanjalo na? Akukho kufa kukaphapha obekungenza lokho, akukho kufa kukamelusi obekungenza lokho. Kodwa ngenkathi uNkulunkulu, esenyameni, wafa esiphambanweni, umhlaba waba nokuquleka, ukwazi ukuthi lona impela iZwi elikhulunyiwe likaNkulunkulu, amadwala nothuli, izinduku nezagila nezihlahla zilenga emhlabeni, nezinkanyezi nenyanga, lona impela iZwi laKhe elikhulunyiwe libone uMdali walo eba inyama, futhi nesono sathululelwa phezu kwaKhe. Ulaka lukaNkulunkulu lathululelwa phezu kwaKhe kwaze kwathi inyanga yacisha ukukhanya kwayo, ilanga lacisha ukukhanya kwalo, umhlaba waba nokuzamazama kwemizwa, ukuquleka. Kwakungasakazeka kube yizicucu uma kwakungesilona ikusasa lethu, yonke into.

66 Futhi uma izakhi zaKhe zomhlaba, ngokubuka, zibona okwakwenzeka, kwazizamazamisa kulesosimo, ukuthi kwakuyofanele kwenzeni kimi nakuwe na? Yayiyofanele yenzenjani imiphefumulo yethu ngenkathi sibuka futhi sibona lokho uNkulunkulu asenzela khona na? Futhi konke kwenzelwa wena nami. Kwakuyofanele kwenzeni kithi na? Siqhubeke esonweni na? UNkulunkulu uyala. Kodwa ukuqhela ezonweni, futhi ufe esonweni. Aniboni ukuthi isono senzani kuYe na? Isono saMbulala. Futhi wathatha inhlawulo yesono, ukuze Alethe ukulunga kukaNkulunkulu kuwe nami. Ngakho uma ukulunga kukaNkulunkulu kuza kithina, isono sifile emizimbeni yethu efayo. O, ngithemba ukuthi niyakubona.

67 Yebo, ukuze uzalwe ngokusha ufanele udlule endleleni yokufa, konke kuyedlula. Uthatha uhlamvu lommbila, uma lowommbila uke ulindele ukuphila futhi, uzomele ufe kuqala. Uma uhlamvu lukakolo luke lulindele ukuphila futhi, akunakwenzeka nhlobo. . .Ngokuba, lowommbila, lowokolo, leyombali, lesosihlahla, lobotshani, leyomfino, yonke into elindela ukuphila futhi ifanele ife kuqala. Manje-ke uzokweqa kanjani na? Umele ufe kuqala. Umele ufe. Ufe kanjani na? Kuwena uqobo, ufe kukho konke, ukuze ukwazi ukuzalwa ngokusha. Uzomele wenze lokho. Uma ungafi, angeke hlobo uphile futhi.

68 Futhi, bukani, benazi ukuthi usuku ngalunye kuzomele kufe okuthize ukuze uphile na? Manje kinina maSeventh-day Adventists ophakathi kwethu, abantu abaningi bathi, "Bengingeke ngadubula ingwejeje, Mfowethu Branham. Bengingeke ngabulala inyamazane idiye noma unogwaja, inhlanzi, ngoba angikholwa ukuthi simele sibulale izinto." Mfowethu, ubuwazi ukuthi imifino nezinto ozidlayo iyaphila nayo na? Uzomele ukubulale. Futhi indlela kuphela ongaphila ngayo kulokhukuphila, okuthile kuzomele kufe ukuze uphile ngokuphila kwakho okufileyo. Manje, uma okuthize kuzomele kufe ukuze uphile ngokuphila kwakho okufayo lapha emhlabeni, ukuphila ngokufayo, ngabe Okuthile akumelanga kufe ukuze kuthi ngokuphila kwaKho ubuyophila iPhakade na? Zibuze lowombuzo nje. NaLowo kwakunguKristu, ngoba akekho omunye ongenakufa. INdodana kuphela engenakufa. Futhi Ukunika Yena uqobo ngokuthi umukele Yena nje. Manje, kufanele kufe.

69 Manje, lokho akuchazi ukuthi phenya ikhasi elisha manje, kulonyaka omusha. Wena uthi, "Mfowethu Branham, bengilokhu ngiza lapha isikhathi eside. Ngibeyilunga lebandla. LoNyaka oMusha ngizophenya ikhasi elisha futhi ngiqale kabusha." Lokho akuchazi lokho. Hhayi ukuthi "phenya ikhasi elisha," kodwa empeleni yifa futhi uzalwe ngokusha. Niyabo? Uzomele uzizwe unecala kakhulu uma uma eBukhoneni baKhe, noma ngabe uhamba ngendlela yeMethodisti noma indlela

yeBaptisti, noma ngabe iyiphi indlela oyihambayo, uzomele ube necala kakhulu futhi uzwe unecala kakhulu kuze kuba u . . . Kuyokubulala. Kunjalo. Kuyo—kuyokubulala. Impilo yakho yasezweni iyofa khona lapho. Uzofanele uzizwele wena uqobo unecala kakhulu eBukhoneni bukaNkulunkulu kuze kuba impilo yakho yasezweni ife khona lapho. U—umbuzo wesono usukuphelele ngenkathi umi eBukhoneni baKhe. Uma ubuka kanjalo, uqinisekile ukuphila, ngoba uyafa. Nendlela kuphela ongaphila ngayo futhi ukuba . . . ufe kuqala ukuze uphile futhi.

70 Manje niyabona ukuthi ngiza kuphi, aniboni na? Kuyini ukuzalwa, ukuzalwa okusha. Kuqala, ukufa, ukuze uzalwe ngokusha. Futhi uma usenezinto zezwe kuwe, awuzelwe ngokusha. Futhi uzozisho kanjani ukuthi uzelwe ngokusha futhi usalokhu usenezinto zezwe zilenga kuwe na? Niyabo? Ungakwenza kanjani na?

71 AmaKristu asemasha ngolunye usuku, isigejane sabantu . . . Angisho ukuthi abasiwo. Kodwa ekubukeni kwezinye izithombe, abesifazane abangamaKristu, abesilisa abangamaKristu, bonke bethandeka, ngakomunye nomunye, begqoke amasudu okubhukuda, ekubhukudeni. Niyabo? Nje kuyi . . . Bathi, "Lolo uthando lwangempela." Lokho ngukungcola kwangempela! Akusilo uthando. Uthando lubonakaliswa ngokwehlukile kulokho.

72 Imiphefumulo yethu ibekwe ngokukholwa ealtare laKhe lethusi, ukwahlulela kukaNkulunkulu, nomnikelo wethu usushisiwe. Manje khumbulani, ngenkathi uElija, ngaphansi lwalezozibhakabhaka eziyithusi, wabeka umnikelo kaNkulunkulu phezu kwealtare, umnikelo washiswa. UBhali akashisanga umnikelo wakhe. Angifuni ukusho lokhu, kodwa ngifanele ngikusho. Futhi uma uya ebandleni futhi wamukele izivumokholo zabo nezinhlobo zabo zemibhaphathizo, nomnikelo ofanelekile wena uqobo ukuba ubeke phezu kwawo lapho, ungahle uvuke uqhaqhazela, ukhuluma ngezilimi, ugijima lonke iphansi lendlu, noma ungahle uvuke ukhala izinyembezi. Kodwa, uma lowomnikelo wamukelwe nguNkulunkulu, ushisiwe, izwe lifile kuwe. Uhambile, ngokuba sizibona thina uqobo sifile futhi sembelwe. Sifile futhi i . . . Sifihlwe kuKristu. Sifihlwe kuKristu! Futhi, ngale kwalokho, manje-ke—manje-ke emva kwalokho sifile futhi simbelwe futhi safihlwa kuKristu, bese-ke sinanyekwa ngophawu ngoMoya oNgcwele.

73 Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini manje na? Nifile. Imiphefumulo yethu ibekwe phezu kokwahlulela kwaKhe kukaNkulunkulu. Lelo yithusi. Uma imiphefumulo yethu ubekwe phezu kwealtare lokwahlulela kukaNkulunkulu, yayiyini inhlawulo na? Ukufa. Futhi uma uzibeka wena uqobo phezu kwealtare likaNkulunkulu, okubizwa ngokufa phezu kwesoni, ungavuka kanjani lapho, uphile esonweni, uma

uNkulunkulu emukele umhlatshelo na? Ngabe kuyacaca manje na? Uyafa! Nina eqinisweni niyashiswa, futhi nisatshiswa kakhulu. Akusasilele lutho kuwe kodwa lesisimo omi kuso, njengenyoka yethusi, njengoKristu wayenjalo ngenkathi beMsusa efile futhi ebanda esiphambanweni. Ufile! Ngoba yini na? Usealtare likaNkulunkulu lokwahlulela. Siyini isahlulelo saKhe na? Uma umahluleli esedlulise isigwebo saKhe, siyini isigwebo senhlawulo yaKhe na? Ukufa. Futhi uma ubeka umphefumulo wakho phezu kwealtare laKhe lokwahlulela, ngukufa kuwe. Manje niyakuthola na?

74 O, ungahle uvuke lapho futhi wenze noma yini, ungahle usine eMoyeni, ungahle ukhale njenga—njenganoma ubani obeyokhala, ungahle wehle wenyuke kwiphansi lendlu, ungahle ujoyine lonke ibandla, ungahle wenze noma yini ofuna ukuyenza, (ngikhuluma kumaPentecostal manje), futhi ubuyele emuva ngqo phandle futhi wonakalise umkamuntu, ugqekeze emzini wendoda, abanye benu besifazane. Uyobuyela emuva ngqo kungenandaba ukuthi iZwi lifika kanjani kuwe ukuba wenze ngokufanelekile nezinto, ungeke waLiqonda. Awusoze wayekela izinwele zakho zikhule, owesifazane, noma lokho. Awusoza wagqoka ngokufanelekile. Uyobe usalokhu ufana ncamashi njengezwe, ngoba awufile ezweni nokho, uphila nakho.

75 Abanye benu madoda anisoze nayeka ukuphuza, ukubhema. Anisoze nayeka ukukhanukela abesifazane abangcolile abagqoke ngokunengekayo, uma ubabona esitaladini, esikhundleni sokufulathelisa umhlane, uhamba. Uyolokhu ukhanuka khona ngqo uqhubeke ngokufanayo. Ngobani na? Uyaphila nezwe namanje. Kodwa uma lowomhlatshelo sewemukelwe, ufile. Kunjalo. Niyakuzwa engukuchazayo na? Niyaqonda ukuthi ngikhuluma ngani na?

76 Manje, umphefumulo wakho ubekwe phezu kwalelo-altare lesahlulelo sethusi likaNkulunkulu, bese kuthi-ke uNkulunkulu wamukela umhl-. . . Manje, kukhombisa ukuthi kawukaWemukeli nokho, uma kwenza . . . Uma—uma usaphila ezweni, uNkulunkulu akakaze awuthathe. Manje, nina bantu nikhuluma ngokuthola uMoya oNgcwele nokuthi nimele nilinde kade kangakanani, nakhu lapho enikhona. Kuze kuba uNkulunkulu wemukela lowomhlatshelo, kuze kuba ubekwe ezahlulelweni zaKhe lapho, kuze kuba isahlulelo saKhe ngempela sesibulele imizwa yakho! Ungahle uthi, "Awu, ngizophenya ikhasi elisha." Lokho akusikho. "Awu, ngiyazi ngangivamise ukubhema, ngizoyeka ukubhema." Lokhu kuselokhu kungesikho. Kuze kuba uNkulunkulu wemukela lowomhlatshelo ealtare laKhe lethusi, ialtare laKhe yisehlulelo. Siyini isehlulelo saKhe na? Ukufa. Leyo inhlawulo.

77 "Umphefumulo owonileyo," uhlala kulokho, "uyakufa." Angikhathali ngokwenzile.

78 UJesu wathi, "Abaningi bayoza kiMi ngalolosuku, futhi bathi, 'Nkosi, angenzanga *lokhu* na*lokho* na?' Athi, 'Sukani kiMi, nina benzi bokubi.'" Niyabo?

79 Uma lowomhlatshelo sewemukelwe ngomlilo, futhi ukhuphuka kanjalo, nomusi unyuka, uvuka nomhlatshelo wakho emazulwini, futhi unamekwe ngophawu wasuswa ezintweni zezwe-ke. Umphefumulo wethu usealtare laKhe.

80 Wenzeni-ke, emva kokuba usufile, khona-ke uzokwenzani na? Ngakho-ke uzelwe kabusha. Uzalwe ngokusha. Kuqala wazalelwa ebubini. Manje uzelwe kokuthize okusha. Kuyini na? IZwi eliphilayo. Amen. O, lokho kuyakuguqula manje, akukuguquli na? Manje, sedlulile emzabalazweni, emva kokubona lokho okuzomele ukwenze. Manje kwenzakalani na? Uzalwe kabusha, eZwini eliphilayo. Kuyini na? IZwi liphila kuwe. Uqala ukubona izinto ngokwehlukile. Lapho ngesinye isikhathi wawungekubone lokho, manje usuyakubona. Kunokwehlukile manje. Kwenza yonke imiBhalo ihlangane ndawonye. Yenza konke kuhlangane okwesisila sejuba ngokuyikho nje. Manje-ke, manje—manje into ethize iqala ukwenzeka. Manje, ufa ekucabangeni kwakho uqobo, manje usuzelwe, ngoba sihlanzwe ngamanzi eZwi. Kunjalo na?

81 Wenzani ngengane masinyane nje izaliwe na? Uyamgeza. Kunjalo na? Masinyane nje umuntu esefe kuye uqobo, uzalwa ngokukaNkulunkulu, uhlanzwa ngamanzi eZwi. Amen. Uma Lithi, "iGama likaJesu," wena uthi "iGama likaJesu"; lithi, "Ufanele uzalwe ngokusha," wena usho into efanayo. Konke okushiwo nguNkulunkulu, uhlanzwa ngamanzi eZwi. Amen.

82 Manje, usulungele ukuphila manje. Usulungele ukuba . . . qala manje. Manje uzalwe kabusha, wazalwa emndenini kaNkulunkulu, nomzali omusha. Yebo, mnumzane. Abaphathi benu babevame ukuba . . . Manje unabaphathi okhona manje, unoMzali omusha. Ungeke wazalwa ngaphandle kokuba nomzali. Ngakho uma uzalwe ebuzalwaneni bebandla, yilokho onakho. Uma uzalelwe esivumweni kholo, nakho lapho okhona. Kodwa uma uzalelwe kuNkulunkulu, wazalwa eZwini laKhe, unoMzali omusha, lowo nguNkulunkulu, elungele ukwenza iZwi laKhe laziwe phakathi, nani, aLikhulume ngani. O, uMzali omusha, lowoMzali nguNkulunkulu. Ulungele ukuthatha iZwi laKhe manje asevele Ukhulumile, futhi waLibeka phakathi kuwe futhi waLenza libe ukuphila. Niyabo? Manje ninokuqeqeshwa kwenu manje. Nilungele, nilungele ukuya ekuqeqeshweni manje, ukuqeqeshwa kwengane. Leyo yingxenye elukhuni, uma ucabanga ukuthi ubuyomele wenze *lokhu*, neZwi likusika ngapha futhi likukhombisa enye into ethize. "Kungani, bakholwa ukuthi ngale . . ." Lokho akwenzi nayimuphi umehluko kulokho abakukholwayo. Nakhu okwashiwo nguNkulunkulu! Ufanele ube ngakokukaBaba.

Manje usuzalwa ngokusha. Manje uyalunga, uyalulanyiswa. UnoMzali omusha.

83 Ngakho, ukuze uma usuzalwe ngokusha futhi unoMzali omusha, khona-ke unemvelo entsha. Imvelo endala isifile, futhi unemvelo entsha. Wake wahamba ngenye indlela, manje uhamba ngenye indlela. Wake wahamba nga*le*ndlela, wehla, manje usuhamba nga*le*ndlela, unyuka. Izifiso zakho zibekwe ezintweni zaphezulu. Ukufisa okusha! Awusazithandi izinto zezwe, ukufisa kwakho ngokukaNkulunkulu. Awunandaba ukuthi umuntu uthini, ukuthi bakuhleka kanjani futhi bethi "uwuhlobo oludala," noma ngabe kuyini kanjalo, awukhathazeki, ngoba uzalwa ngokwaphezulu futhi ukufisa kwakho kubekwe—kubekwe ezintweni zaphezulu. UNkulunkulu akanamahloni ngawe nawe awunamahloni ngaYe. Kunjalo. Ngakho u... Funda isahluko 11 samaHeberu khona lapha. Nginakho kubhalwe phansi. Nje ngenkathi abantu ngalolosuku ukuthi benza kanjani. Ukuthi bazulazula kanjani bembathe izikhumba zezimvu, ogwadule, futhi behlwempu, nayoyonke enye into, kubo izwe alibafanele. Niyabo? Kufundeni, kuyonisiza. Futhi ningabuka lapho, abantu abanjani uma imvelo yabo iguqulwa, kwenzakalani.

84 Manje, unahlobo luni lwemvelo-ke, Mfowethu Branham na? Imvelo yaKhe. Uma benginemvelo kababa wami, khona-ke bengiyokwenza izinto ubaba wami azenza. Kodwa manje ukuthi ngizelwe ngokusha, kuncike ekutheni bekungubani ubaba wami. Uma uzalwe nje ebandleni, unobaba webandla, futhi ungambiza ngo "baba" uma ufuna. Umbiza nanganoma yini oyifunayo, ngoba ungubaba wakho. Kodwa uma uBaba wakho kunguNkulunkulu, futhi uzalelwe emndenini kaNkulunkulu, ubona lezozinto eziphathelene noNkulunkulu. Kulungile. Khona-ke ungumntwana kaNkulunkulu. Imvelo yakho yimvelo kaNkulunkulu. Ngakho uma abanye, o, uyabezwa, abanye bethi, "O, ibandla lethu likholwa ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule." Ungakukholwa kanjani ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule lapho yona imvelo uqobo kaNkulunkulu ikuwe na? Uma Yena wonke eyisimangaliso na? Imvelo yaKhe iyisimangaliso, imikhuba yaKhe iyisimangaliso, ubuYena bonke buyisimangaliso. Ungaba kanjani yinoma yini enye kepha isimangaliso na? Ukuzalwa kwakho ngokusha kuyisimangaliso. UkuPhila kwakho okusha kuyisimangaliso. Ngisho nemvelo yakho iyisimangaliso. Ubungabuka kanjani emuva futhi uthi, "Lezozinto zifile. *Lokhu* yikho." Niyabo? Uyisidalwa esisha, isidalwa esisha. Impela.

85 [Akuqoshwangwa eteyipini—Umhl.] Futhi ngenkathi abantwana ezalwa bonke babeyizinkukhu kodwa oyedwa. Wayengukhozi. Wayengumfo omcane oyinqaba. Wayehluke ngakho konke, kodwa, niyabo, wazalelwa kolunye uhlangothi. I—i—imbewu neqanda kwakuhlukene, kwenza inyoni ehlukile.

Ngokungangabazi wayebukeka engavamile, waziphatha ngokuxakile kubobonke, kodwa waye—wayeziphatha ngokwemvelo kuphela, ngoba wayengenakwenza okunye, ngoba wa—wayelukhozi. Imvelo yakhe—yakhe yayilukhozi, ngakho ilokho konke ayengaba yikho kwakulukhozi. Kodwa kunabaningi babo phandle phakathi kulamahlelo, empeleni bayizinkozi, kodwa ungabuki nje ngqo ukubabona beqhiyeme odakeni nezinto zezwe. Niyabo, lowo ngumsebenzi wabo, hambani nibathole.

86 Ngolunye usuku umama khozi omdala uza ngapha, futhi uyacabanga ukuthi isikhukhukazi besiyoke simgcine emhlabathini isikhathi eside na? Akunandaba ukuthi sakukuza kangakanani, kahle kanjani, sathi, "Woza lapha, sthandwa. Ngithole okuthize khona lapha, woza." O, he! Izifiso zakhe zazisentweni yaphezulu, futhi waya kohlangana naso. Akusekho mahlelo akhe. Ungeke wamsusa kuSo.

87 Futhi indoda ezalwe ngokukaNkulunkulu, ungeke waphinda umbuyisele kulokho kugcola okubolile kwesono. Ufile, futhi uzelwe ngokusha. Uyisidalwa esisha. Unemvelo yoKhozi. Uzomele angene ezibhakabhakeni futhi ashwibeke. Uzomele avuke lapho lapho kukhona khona umama wakhe, uMzali wakhe.

88 Futhi yingaleyondlela u. . .indoda ekholwayo, iheha, "O, woza ujoyine ibandla lethu. Manje, lokho ngukuhlanya. U—u—usuku. . ."

89 Manje, uma lolokhozi oluncane mhlawumbe lumi phandle lapho futhi lwezwa lowomama ekhala, futhi lwabuka ngokuzungeza futhi lwathi, "Uphi na?" Lapha, mhlawumbe wakhala into ethize efana nalokhu okhozini oluncane, "UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade."

90 Nomama wathi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule, kwak, kwak, kwak, kwak. Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into enjalo! Lokho ngukuhlanya!" O, he!

91 Ngani, wawungeke usalubamba. Sengiyaluzwa nje luthi, "Mama, ngiphakamela kanjani lapho na?"

92 "Bhakuzisa amaphiko akho nje, s'thandwa. Yilokho kuphela odingeka ukwenze. Ulukhozi. Hamba ngokukholwa nje."

"Kuzoba kanjani, Mama na?"

93 "Angazi. Qhubeka uhambe nje." Nalo luza. Ukubhakuza kwalo kokuqala okuncane, luhlala esigxotsheni esibiyile. Lwaphakama kangako, empeleni. Wathi, "Woza nje, ngizokubamba." Yilokho kuphela.

94 Imvelo entsha, isidalwa esisha, isidalwa esisha, imvelo kaBaba wakho. Futhi ukholwa futhi uthanda lonke iZwi Alishilo. Wonke amazwi omuntu angamanga, aphambene neZwi. Leli yiZwi likaNkulunkulu. Niyabo? IBhayibheli liqinisile.

Angikhathali ukuthi ibandla lithini, iBhayibheli lisalokhu liqinisile, kuwe, ngoba imvelo yakho isiguquliwe. Manje, uma uno—nobaba-bandla, uyokholelwa kulowobaba-bandla. Kodwa uma unoBaba, uNkulunkulu, uyokholelwa eZwini likaNkulunkulu. Uma unobaba ebandleni, uzokukholwa lokho ngoba ungowemvelo yakhe, lowo ngubaba wakho. Kodwa uma uBaba wakho kunguNkulunkulu, khona-ke uyokholwa iZwi likaNkulunkulu. Uma ulibandla, uyo—uyokholwa izwi lakhe, uyokholwa izwi lebandla, uyoba yilokho ibandla elikushoyo. Kodwa uma uzelwe ngokusha, khona-ke uyokholwa okushiwo nguNkulunkulu, ngoba uNkulunkulu unguBaba wakho; hhayi izwe noma izivumokholo zebandla.

95 Kuyangikhumbuza. Ngolunye usuku ba, e—eyadini, bathi babenedada elalilandela ezinye izinkukhu. Ne—nedada, niyazi, lalingumfo omncane oxakile kulezo zinkukhu. Wayethi ukuba ngusondonzima, niyazi, umlomo omkhulu, niyazi. Kodwa lokho, ukuba lona lalingusondonzima, la—lalinalowomlomo lapho ngenhloso ethize. Futhi yileyondlela engiqagela ukuthi ngezinye izikhathi umKristu ubukeka engomncanyana, athole ukuba ngosangene kancane, kodwa—kodwa lokho kulapho ngenhloso. Niyabo? Ngakho, lona, lalibukeka lixakile inqobo nje uma laligijima lizungeza nezinkukhu, futhi lalinga . . . amagalikuli nezinto, za—za—zazinomlonyana omncane, futhi zona, futhi ngesikhathi izinto abazenza, futhi azakhiwanga njengalelodada. Ngolunye usuku umama walihola, nesigejane sezinkukhu kanye nalo, phandle ngemuva. Lalihlala njalo lisemuva le, niyazi, kuthi akubenjalo. Aluzange lukhulume ngisho njengabo. Ulwimi lwalo lwalehlukile. Babengezwani.

96 Yingaleyondlela ngomKristu uma ezelwe ngokusha, niyabo. Uvela eqandeni elehlukile, yilokho kuphela. Niyabo? Mhlawumbe une . . . Ngikholwa ngukuthi baningi ababo phandle lapha kulamabandla angamahlelo, lawo yidada langoqobo, kodwa anomholi oyisikhukhukazi. Kunjalo. Ngakho abaKutholi nje. Lokho kuzwakala kungubuhlaza. Angikuqondile ngaleyondlela, kodwa ngizama ukwenza iphuzu.

97 Ngelinye ilanga waliholela phandle kude kakhulu ngemuva kwehhokwe. Kwakukhona amanzi agijimayo ehla ngemuva kwehhokwe. Ya. Isiphethu siphuma, umfudlana. Futhi lalihamba hamba ngapho lizibuza ukuthi konke kumayelana nani, niyazi, lilandela isikhukhukazi ngapho. Futhi, ngani, lalingaluthandi ngisho uhlobo lokudla ababeludla, lwalungabukeki kahle kulona. Lezizinto ezindala abazenzayo, kwakungabukeki kukuhle. Ngakho emva kwesikhashana kwenzeka abambe umoya. "Wahogela kahle nje. Ngabe kuvelephi lokho na?" O, lokho kuphefumula okuncane kwaseZulwini, mmmm! Bamba lowomoya omncane wento ethize evuselelayo, intshumayelo ehehayo kuwe, eshaya ingene phakathi, uzwa iZwi ligxila okwehange qobo lwaLo. Mmmm,

ukukhazimula kwaseZulwini! Lacabanga, "O, ngandlelathize kukhona omunye, ukuthi umoya enginawo, ugcwalisa imvelo yami." Lawuphefumula futhi. "Kundawondawo. Manje, ungeke wangitshela; kundawondawo. Ngiyazi ukuthi kukhona into ethize ndawondawo engingowayo," hhayi kulesisivumokholo. Niyabo? Niyazi ukuthi ngichaza ukuthini na? Lahogela amanzi, nemvelo yalo yayilidada, ngakho idada namanzi kuhamba ndawonye nje. Yileyondlela ikholwa noNkulunkulu abahamba ngayo ndawonye. Ngokuqondile linokunye ukuhogela okukhulu ngawo, kuma ngokuqine kakhulu. Emva kwesikhashana umoya waqala ukuphephetha. Njengovunguzayo, uMoya onamadla, niyazi. Kuqala ukuphephetha umoya opholile uvela ngqo emanzini, uya kulo. Alibange lisakwazi ukukumela. Ezansi ezintabeni lahamba, libhabhaza, libhabhaza, libhabhaza, libhabhaza, nje, niyazi, lihamba, "Hong-hong, hong-hong, hong-hong." Lowo mlomo omncane liqombola phezulu emoyeni, niyazi. Lahogela amanzi!

98 Isikhukhukazi esidala sathi, "Wena hlanya, buya lapha!" Akulungile hlobo; selivele lihogele amanzi. Lalisendleleni yalo ebheke emanzini!

99 "Kunomthombo ogcwaliswe ngeGazi, elimuncwe emthanjeni kaImanuweli, lapho izoni zicwiliswe ngaphansi kwethantala futhi lasusa lonke ibala lesono sabo." UmKristu wangempela akafuni lutho okuzomhlanganisa nezwe. Abafuni ukuhlala ngapha mahlaphahlapha futhi bezibuza ukuthi bakuphi, futhi namhlanje bangamaMethodisti futhi kusasa bayiBaptisti, namaPresbyterian namaPentecostal, nokunye nokunye. O, mfowethu, lokho kulusizi! UmKristu wangempela ufuna ubusha kukaMoya, ubusha bukaNkulunkulu empilweni yakhe, into ethize emenza isidalwa esisha. Masinya angathola lowomgudu, uyoshayela phezu kwemihlabathi eneqhwa noma ngabe yini okunye ukufinyelela kuwo. Uyoya kude le, ngoba ulidada kwasekuqaleni. Ya. Hhayi isivumokholo, qhabo, qhabo, qhabo, qhabo.

100 Futhi uma usathanda izinto zezwe, ukhohlisiwe, umhlatshelo wakho awukamukelwa nokho, imvelo yakho ayikaguqulwa. Manje niyaqonda ukuthi kuchaza ukuthini ukuzalwa ngokusha na? Niyabo, imvelo yakho iguquliwe, uba yisidalwa esisha. Uzomele ufe kuqala, bese-ke uzalwe ngokusha. Ngiyazi sekuyisikhathi sami sokuba ngivale, kodwa nginikeni nje imizuzu embalwa, ngizogijima kulemibhalo ngokuphuthuma kakhulu, niyabo, niyabo. Uma usathanda izwe, futhi uzisho ukuthi uzelwe ngokusha, akunandaba ukuthi wenzeni...Ngahle ukuba ukhalile, ungahle ukuba ube nemizwa yokwesaba igijima kuwe. Lokho kulungile, anginalutho ukumelana nalokho. AmaKristu ayakhala futhi abanemizwa yokusaba igijima kuwona. Futhi wena uthi, "Mfowethu Branham, ngikhulume ngezilimi nje..." Lokho

ngahle kube kulungile, futhi lokho kungahle ukuba njalo kube kuhle kakhulu.

101 Ngibuka owesifazane omcane khona manje oza kimi esikhathini esingeside esedlule nombono noma iphupho ayenalo, futhi ngathola ukuhunyushwa. Namanje, kuthi akube lukhuni ukuhamba ngitshele lowonkosikazi womshumayeli oyiPentecostal ukuthi wayengenawo uMoya oNgcwele, ehhe, kodwa wayengenawo. Kodwa-ke uWamukelile, niyabo.

102 Yebo, kwehlukile, niyabo. Ya, akusikho ukukhuluma ngezilimu, ukusikho ukusina eMoyeni. Akukho okwalezozinto ongaKubeka phezu kwakho. Ngukufa nokuZalwa, imvelo eguquliwe, isimilo esiguquliwe. Izinto ezindala zifile, izinto ezintsha zintsha; izwe lifile noNkulunkulu musha. UNkulunkulu ungukuPhila kwakho, nezwe lifile kuwe. Manje niyakuthola na? Kulungile.

103 Manje lalelani. Ngizodingeka nginqamule nje kancanyanyana lapha, niyazi, ngisuse isihlahla esinameva endleleni. Abesifazane nabesilisa abangayikulandela iZwi likaNkulunkulu nokuFundisa kwaKhe emva kokuba bezisho ukuthi bazelwe ngokusha, kunento engalungile. Ngizokhuluma nabesifazane umzuzu nje. Uma owesifazane owazi ukuthi iZwi likaNkulunkulu lilahla izinwele eziphunguliwe nokugqoka izikhindi, ukugqoka amabhulukwe alasleks, ukugqoka ngokunengisa, futhi ungenakho ukuhlonipha ngokwenele ukuyekela izinwele zakho zikhule futhi ugqoke izingubo ezibukeka njengomKristu, ukhohlisiwe. Angikhathali ukuthi ubungaphansi kwani. Kungahle ukuba ukhulume ngezilimi njengokuthela uphizi ezikhunjeni senkomo esomile. Ungahle ukuba ube, ungahle ukuba usine eMoyeni waze washukumisa yonke indlu. Lokho akuhlangani ngalutho nakho. Kukhombisa ukuthi uthando lwezwe lusekuwe. Uma uNkulunkulu elahla lokho! Wathi, "Akunjalo. Owesifazane ubefanele abe nezinwele zakhe ezinde. Nemvelo uqobo iyanifundisa ukuthi owesilisa ubefanele abe nezinwele ezimfushane, ngoba uNkulunkulu ungaphezu kwendoda, nendoda phezu kowesifazane." Futhi uma owesifazane egunda izinwele zakhe, uhlazisa ikhanda lakhe, okungumnyeni wakhe. Uma indoda iyekela izinwele zayo zikhule, ngakho-ke ihlazisa ikhanda layo, okunguKristu. Niyabo? "Abesifazane benu mabazihlobise ngokuthobeka okuhle," ahlanzeke, afane nenenekazi. Niyabo?

104 Futhi-ke ngale kokuhlonipha okwejwayelekile ukwenza lokho, sithi, "Udumo kuNkulunkulu! Haleluya! Ngikhulume ngezilimi. Haleluya! Udumo kuNkulunkulu!" Lokho kukhombisa ukuthi umoya ophakathi lapho awulungile. Uyomukela iZwi ngasosonke isikhathi uma uyimvelo yeZwi. NeZwi liyinyama, neZwi laba nguNkulunkulu, NeZwi linguNkulunkulu; namaZwi akuwe, akwenza ube yindodana

noma indodakazi kaNkulunkulu, inzalo yaKhe, ukholwa iZwi laKhe.

105 "Angikholelwa kuleloGama elidala leNkosi uJesu, ukuba ubhaphathizwe kuHaleluya! Angikhathali ukuthi uzama kangakanani ukukuchaza, ngikholwa ngumelusi wami." Qhubeka, lowo ngubaba wakho. Kodwa uma uNkulunkulu enguBaba wakho, uyohamba emgqeni neZwi likaNkulunkulu.

106 Mshumayeli! "Abaningi bayoza kimi ngalolosuku, futhi bathi, 'Nkosi, angikhiphanga yini odeveli eGameni laKho na?' Abashumayeli. 'Angenzanga yini imisebenzi eminingi yamandla na?' abavangeli ensimini. Dedani kiMi, nina benzi bokubi," abantwana abangamavezandlebe. Kunjalo.

107 Uma uzalwe ngokukaNkulunkulu, uhlanzwa emanzini eZwi, wahlukanisiwe ezintweni zezwe, futhi ukholwa nguNkulunkulu. Ufile. Ufile ekucabangeni kwakho uqobo, ufile emibonweni yakho uqobo, ufile kunoma yini enye kepha iZwi likaNkulunkulu; futhi Liphila kuwe, lisebenza kuwe, lifakazisa ukuthi yiZwi likaNkulunkulu. Wena uthi, "Ngifile e wo-. . .Ngifile ezweni, Mfowethu Branham." Futhi uphika iZwi likaNkulunkulu na?

108 UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Manje sehlela ekutheni "ukuzalwa ngokusha" kuchaza ukuthini. Niyabo?

109 Namanje usenolaka, namanje usancishana, uyazidla. Umuntu mumbe usho okuthize ngawe, usume phuhle usulungele ukulwa. Bese kuthi-ke, uzalwe ngoMoya kaNkulunkulu na? Qhabo. UMoya kaNkulunkulu awenzi kanjalo. Qhabo. UMoya kaNkulunkulu uthobekile, uthobile, umnene, uyabekezela. Lowo nguNkulunkulu, onothando, onomusa, oxolelayo, lowo nguMoya kaNkulunkulu. O, yebo.

110 Kodwa bayobambelela kulelohlelo futhi bakhulume ngezilimi, ukuprofetha, benze lonke uhlobo lwemisebenzi. UJesu wathi bayokwenza. "Benesimo sokumesaba uNkulunkulu." Bebambelela ehlelweni ngoba lowo ngubaba wabo. Bazalelwa kulowobaba wehlelo. Kodwa uma uzalwe ngokukaNkulunkulu, *Lona* nguBaba wakho, UyiZwi, iZwi. Akunandaba ukuthi mangakanani amadlingozi onawo, usalokhu ungumntwana kaSathane kuze kuba uba ngofile ezweni futhi uphile kuKristu. Lalelani, ngokushesha manje.

111 Umphefumulo, omuhle noma omubi, ukufa akuwuguquli. Benginenqwaba yomBhalo ubhalwe phansi lapha kulokhu ebengifuna ukuphawula kukho, "uyini umphefumulo na." Uyini umphefumulo na? Nguwe. Ungumphefumulo. Ingxenye engaphakathi kuwe. Futhi ngenkathi ufa, noma ngabe ume kanjani lowomphefumulo ophakathi, yileyondlela okuhamba ngayo. Uhamba uya esiphethweni. Ubungeke

wawudonsa akunandaba ukuthi ubungawenzela kangakanani, lowomphefumulo umele uguqulwe lapha, uzalwe ngokusha.

Wena uthi, "Kuthiwani ngoMoya oNgcwele, Mfowethu Branham na?"

112 UMoya oNgcwele ukubhaphathizela eMzimbeni, ukwenzela inkonzo, kodwa ukholwa kukho ukuPhila okuPhakade. "Lowo ozwa amaZwi aMi futhi akholwe NgoNgithumileyo, *uno*kuPhila okuPhakade." Niyabo? Ngakho-ke ubhaphathizwa nguMoya oNgcwele eMzimbeni, ekubonakalisweni kweziphiwo, nokunye nokunye, kodwa kholwa ekuPhileni okuPhakade. Okholwayo unokuPhila oluPhakade. Futhi ngenkathi ukholwa yingenkathi ufile, futhi bazalwa, baphindwaphindwa, isidalwa esisha. Kulungile.

113 Umphefumulo, manje khumbulani, muhle noma mubi, ukufa akunamsebenzi ngakho. Ukufa kuwuthatha kuwuyise esiphethweni sawo. Niyakuzwa na? Futhi uma usalokhu unezwe nothando lezwe kuwo, uyofa nawe, ngoba izwe lifanele life. UNkulunkulu ulahle izwe, leyo yinqubo yezwe. UNkulunkulu ulilahlile futhi lizofanele life. Futhi uma lelozwe likuwe, uzofa nalelozwe. He, angiboni ukuthi bekungake kucace bha kanjani. Niyabo? Futhi uma kukuhle, ukuzalwa ngokukaNkulunkulu, bekuyomele kuye kuNkulunkulu. Uma kungokwezwe, kuyosala ukuba kubhubhe nezwe. Uma kungokukaNkulunkulu, kuyohlala noNkulunkulu, ufundile noma ungafundile. Ufundile noma ungakwazi ukufunda nokubhala, uma izwe liselapho, lifanele life. Futhi uma izwe liphakathi emphefumulweni wakho, nokufisa kwakho kungokwezinto zezwe, uyobhubha kanye nezwe. Lokho kucacile, akunjalo na? Bekufanele. Uyingxenye yezwe elifile. Futhi njengoba izwe lifile, ufe kanye nezwe.

114 Kodwa uma uzelwe ngokusha, uphila kanye noKristu, nezifiso zakho zisezintweni zaphezulu futhi hhayi ezintweni zezwe. Kodwa uma uzalwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, uba yingxenye kaNkulunkulu futhi uPhakade kanye naYe. Manje-ke, ukufa kungeke kwakuthinta uma usuzelwe ngokusha. UPhakade. Uguqukile usuka esidalweni sesikhathi waya esidalweni sePhakade. Uguqukile usuka ekufeni waya ekuPhileni. Ngikhuluma nge "Phakade." Uvela ekufeni kwaPhakade uya ekuPhileni kwaPhakade. Uma ungowezwe, ufa lapha kanye nalo. Uma uthanda . . . IBhayibheli lathi, kuJohane, "Uma nithanda izwe noma izinto zezwe, kungenxa yokuthi uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho kini." Ungeke wathanda izwe. NoJesu wathi, "Ungeke wathanda uNkulunkulu nomamona." U*mamona* yi "zwe." Ungeke wathanda izwe noNkulunkulu ngesikhathi esifanayo. "Futhi lowo othi uyaNgithanda, futhi engagcini imiyalo yaMi," lokho ngukuthi, iBhayibheli, "ungumqambimanga, neQiniso alikho ngisho kuye." Nakho lapho enikhona.

115 O, Tabernakele likaBranham, nani nonke bantu abahle, asithathe ukuhlola impahla! Lona nguNyaka oMusha. Masiqale, masenze okuthize, sisuse izinto zezwe kithi. Uma zisekhona phakathi lapho, asizilahle. Yebo, mnumzane. Kulungile, abantu banamhlanje . . . Ngizomele ngiphuthume.

116 Abantu banamhlanje bathatha zonke izinhlobo zemimoya. Bayenyuka futhi bathathe umoya webandla, baze bathathe ngisho imimoya ezibiza yona uqobo ngokuthi "umoya kaNkulunkulu, ozalwe ngokusha," futhi baphike iZwi likaNkulunkulu liyiqiniso. Ubungacabanga uMoya kaNkulunkulu uphika iZwi laWo uQobo na? Kinina bantu abangamaKatolika, amaRoma aKatolika, ngiqonde lokho, beningasho empeleni ukuthi nizelwe ngoMoya kaNkulunkulu, futhi nithathe lezozimfundiso ezingaphikiswa eziphambene neBhayibheli, futhi niphike iZwi likaNkulunkulu, futhi nisho ukuthi ni . . . uMoya kaNkulunkulu ukini na? UMoya owaloba leliBhayibheli ubuyoLiphika na? Lowo bekuyoba yimi ngikhuluma ngento ethize futhi ngimile futhi ngiqamba amanga ngimelana nalo. UNkulunkulu esho okuthize, bese ephenduka futhi akhulume amanga ngakho na? Lapho iBhayibheli lathi, "Akunakwenzeka ukuba uNkulunkulu akhulume amanga, ngoba Uyiwona Mthombo impela walolonke iQiniso."

117 Wena Methodisti, Baptisti, enibhaphathizwe eziqwini zika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele," futhi nazi umehluko manje na? UneBhayibheli lakho. Wena othatha ukujoyina ibandla, ngokuxhawula isandla na? Wena othatha incwadi yakho isuka kwelinye iya kwelinye, futhi uzisho ukuthi uzalwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu na? Ungakwenza kanjani, bese ubuka ebusweni beZwi likaNkulunkulu futhi uzibize wena uqobo ngomKristu ozelwe ngokusha na? Lapho ufile ebandleni, ufile ezivumweni kholo, ufile ezweni, ufile kuyoyonke into ngaphandle kukaNkulunkulu, noNkulunkulu uyiZwi! Nakho lapho enikhona. Ake sibone. Bathatha lonke uhlobo lomoya. O, banemimoya yebandla, banalolonke uhlobo lwemimoya. Manje lalesisani.

118 Abaprofethi! IZwi likaNkulunkulu liza kubaprofethi. IBhayibheli lasho njalo. Manje, sengivala, nginokuphawula okuthi akube kubili lapha, noma kanjalo, engifuna ukukwedlulisa, bese kuthi-ke ngizonqamula. IZwi leNkosi liza kubaprofethi. Yini eza kubaprofethi na? Izwi lebandla liza kumprofethi na? [Ibandla lithi, "Qhabo"—Umhl.] Izwi lezivumokholo leza kumprofethi na? ["Qhabo"] IZwi leNkosi! Kwakuyini na? Umprofethi wembula iZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Labo ngababaprofethi, abaprofethi bangempela. Manje, sithola abaprofethi bamanga, sizofika kubona emzuzwini nje. Kodwa umprofethi weqiniso, iZwi leqiniso leza kumprofethi weqiniso. Kwakungebe lutho olunye. Manje, isivumokholo asizanga kumprofethi, ihlelo alizanga kumprofethi. Qhabo.

Kodwa iZwi leNkosi leza kumprofethi, futhi waLembula kubantu. Umprofethi weqiniso wayeneZwi leqiniso.

119 Umhlola kanjani umprofethi weqiniso na? Uma eneZwi leqiniso. Manje-ke uma kungesilo iZwi eliqinisile, kuzofanele kube elamanga. Uma lisho okuthize okwehlukile kuleliZwi, naleliZwi liyiZwi likaNkulunkulu, makuthi onke amazwi omprofethi abe ngamanga neZwi likaNkulunkulu libe iqiniso. Futhi uma leloZwi livela kumprofethi, yiZwi likaNkulunkulu, ngakho-ke ungumprofethi weqiniso, ngoba iZwi liza kubaprofethi, abaprofethi beqiniso. Njalo besinabamanga. Abaprofethi beqiniso, iZwi leqiniso. Abaprofethi bamanga, izwi lamanga, "izivumokholo zethu, amahlelo ethu, joyina *lokhu*, shono *lokhu*, kholwa yi*lokhu*, yenza *lokhu*."

120 Kodwa iZwi leqiniso liza kumprofethi weqiniso, futhi ukutshela iZwi leqiniso. Landela leloZwi leqiniso, futhi uthola isehlakalo seqiniso seZwi ngoba iZwi lenziwe inyama kuwe, futhi uba indodana kaNkulunkulu, neZwi likaNkulunkulu lizungeza liphuma kuNkulunkulu lingene kuwe, ngoba uyiMvelo kaKhe, uMoya waKhe ukuwe futhi uyokwenza imisebenzi kaNkulunkulu. Haleluya! IBhayibheli lasho njalo. O, he!

121 Abaprofethi bamanga baletha amazwi amanga. Benzani na? Banamadlingozi amanga. Abaprofethi bamanga bagcina okwenele kweZwi leqiniso kube ngamanga. Bavamise ukuthi kabakwenzanga, kodwa iBhayibheli lathi . . . Nifuna ukubhala phansi umBhalo kulokho, uTimothewu wesiBili 3, niyabo. Abaprofethi bamanga banelenele iZwi leqiniso ukuba balenze amanga, ngoba iBhayibheli lasho ukuthi bayoba ne "simo sokumesaba uNkulunkulu." Ukuze ube nezimo sokumesaba uNkulunkulu, bazofanele babe nokunye kwakho njengeQiniso. "Isimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha bephika aMandla akhe." Amandla ani na? Ukuniqondisa, nibe ohlukile, ukhonze uNkulunkulu, hhayi ukuthi uye emidansweni nezinto zezwe, iBhayibheli lilahla, ukuthi ungazigundi izinwele zakho. Njengoba, abaprofethi bamanga besho lokho, "Akwenzi mehluko."

122 Omunye washo kungekudala, (ngikholwa ukuthi ngikucaphunile lapha ngaphambilini, angazi) wathi, "Kungani ezweni ungabashiyi phansi abesifazane nabesilisa," kimi. Wathi, "Ngani, lapho, abantu bakukholwa ukuthi ungumprofethi."

Ngathi, "Angisuye."

123 "Kodwa abantu bakukholwa ukuthi unguye. Awubafundisi ngani ukuthi yemukelwa kanjani imibono, ukuthi yenziwa kanjani imisebenzi kaNkulunkulu kanjalo na?"

124 Ngathi, "Ngingabafundisa kanjani izibalo ialgebra uma bengabazi oABC babo na?" Niyabo? Niyabo? Ungayikhipha kanjani ingane ekreshi futhi uyinike imfundo yasekolishi namhlanje, uyifundise uphawu lwesquare root na? Ungakwenza

kanjani uma ingazi ukuthi uchaza ukuthini uABC na? Niyazi ukuthi uABC uchaza ukuthini na? Njalo Kholwa nguKristu. [NgesiNgisi: Always Believe Christ—TN.] Kunjalo. Ningakholwa ibandla, ningakholwa isivumokholo, ningakholwa izimfundiso zabo. Kholwa nguKristu! Ngani na? "Ukwazi Yena, ukwazi Yena kungukuPhila." Kunjalo na? Kungesikho ukwazi isivumokholo saKhe, kungesikho . . . Akanazivumokholo. Kungesikho ngisho ukwazi iZwi laKhe. Kungesikho ukwazi iZwi laKhe; umele wazi Yena, wazi Yena njengoMsindisi wakho ekuzalweni kabusha. Njengoba uJesu asho kuNikodemu, "Uma ungekholwe izinto zasemhlabeni engikutshela zona, ungazikholwa kanjani izinto zaseZulwini na?" Uzozikholwa kanjani izinto zokomoya engena eMoyeni, futhi wazi futhi ubona imibono nezinto ezinjalo, ukuhlela isikole ngokohlelo kanjalo, lapho bengakholwa ngisho izinto zasemhlabeni na? Anikholwa ngisho ukugqoka izimpahla ngokufanele. Abakholwa ngisho ukuyeka ukubhema kwabo futhi bayeke ukuqamba amanga, ukubeka ulaka eceleni, nazozonke lezozinto, benze zonke lezizinto, noma bayeke ukukhanuka. Ungabafundisa kanjani abantu ukungena eMoyeni lapho benazozonke lezozinto zisalokhu zilenga kubona na? Yebo. O, he.

125 Abaprofethi bamanga banamazwi amanga, izivumokholo, amahlelo, amadlingozi. "O, busisa uNkulunkulu, into kuphela omele uyenze. Ufuna ukwembatha ingubo ende kaElija na? Udumo kuNkulunkulu! Into kuphela omele uyenze ukuba msulwa engqondweni yakho, ungacabangi ngalutho, futhi uthi, 'O, ngigcwalise, ngigcwalise, ngigcwalise.'" Udeveli ngempela uzokwenza. Futhi manje-ke uthembela phezu kwalokho na? "Oooo, Ugijima kimi wonke, Mfowethu Branham. NgiWuzwile. Oooo, udumo kuNkulunkulu, Haleluya. Ugxuma wenyuka futhi wehla kanjalo, o, nginaWo!" Futhi uphile njengoba uphila na?

126 "Niyakubazi ngezithelo zabo." Niyabo? Niyabo, hhayi amadlingozi.

127 "O, mfowethu, ufuna ukwemukela uMoya oNgcwele, yehlela ealtare nje futhi uthi, 'Udumo, udumo, udumo, udumo, udumo, uze ukhulume ngezilimi.'" Ehhe, buyela phandle futhi uphile nanoma iluphi uhlobo lokuphila, uqambe amanga, webe na? Uma bekutshela ngokuba ubhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, "Lokho ngubuhlanya, ibandla lami lifundisa okwehlukile!" Futhi usho ukuthi uzelwe ngokusha, wahlanzwa ngamanzi eZwi na? Kukhona okungalungile ndawondawo. Niyabo?

128 Uyokholwa lonke iZwi ngendlela nje eLilotshwe ngayo lapha. Asidingi . . . futhi asi . . . Futhi i—iBhayibheli lathi, "Awuzihumusheli ngokwakho." UNkulunkulu waLihumusha, futhi yilendlela Elingayo. U . . . IZwi, IZwi laKhe lapha. IBhayibheli alisho yini kowesiBili . . . Ngikholwa ukuthi uPetru wesiBili lapho, "Awuzihumusheli iBhayibheli ngokwakho."

Impela. Qhabo, hhayi ngokwakho. Lilotshwe ngendlela nje Elizisho Lona ngayo, impela kanjalo nje. Likholwe nje ngendlela nje Elilotshwe ngayo lapha, Lizoletha imiphumela efanayo manje.

129 Abafundisi bamanga bayoletha ukuzalwa kwamanga. Abaprofethi beqiniso bayoletha iZwi, ukuzalwa ngokweZwi, uKristu. Abaprofethi bamanga bayoletha ukuzalwa kwamanga, ukuzalwa ngokwamabandla, ukuzalwa ngokwezivumukholo, ukuzalwa ngokwamahlelo. Futhi nakhu lapho ukhona, mfowethu oyiPhentecostali, amanga e sen-. . .noma amadlingozi, futhi utshele umuntu ukuthi unoMoya oNgcwele ngoba ukhuluma ngezilimi. Ngibone odeveli bekhuluma ngezilimi; amapensela ebekwe phansi futhi abhale ngezilimi ezingaziwa. Lokho akuchazi lutho. Niyabo, kuzofanele kube ngukuphila, niyakubazi ngezithelo zabo. "Mfowethu Branham, uyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi na?" Yebo, mnumzane. "Uyakholelwa ekumemezeni na?" Yebo, mnumzane. Ukuba ngumKristu, ngiyakukholwa lokho. Ngiyalikholwa iZwi likaNkulunkulu. Kodwa uma ukuphila kungekho lapho ukukusekela!

130 Phumela lapho neyembe elikhulu, "Udumo kuNkulunkulu, Haleluya," bese ungitshela ukuthi lokho nguKristu na? UKristu wayethobekile, ethobile futhi emnene. Hamba uye edolobheni futhi, he, uzomele uhlikihlwe emahlombe, niyazi, futhi yonke into izofanele ibekahle nje, kungekho sihla esudini yakho, futhi uzomele ube nokugcono ukwedlula konke noma angeke weza sanhlobo, imali eqinisekisiwe eningi kakhulu; ungeke waba nomhlangano. O, o, o, o, o, he! Wonke amahlelo, azofanele akumbambathe emhlane. Akukho namunye owabo owaMmbambatha emhlane, ngokuba WayeyiZwi. Kunjalo.

131 Amanga agcina iqiniso elenele ukwenza isimo sobuNkulunkulu. Futhi lalelani, manje ngisho okuthize lapha, ngifuna nilalele. Lolohlobo lwemicabango engamanga, niyazi ukuthi umcabango ongamanga uyini, uholela izigidi zabantu ekuzalweni okungamanga. Abafundisi bamanga baholela abantu ukuba bakholelwe emadlingozini, "Ngoba nidluthulwe yonke indawo, ninaKho. O, ngoba ninomuzwa oxakile ohambe kini, ni—nikubonile ukukhanya phambi kwenu, futhi naphuphutheka futhi nabhadazela, leyo yijakhethe kaEliya eniyigqokile. Kunjalo, niyaKuthola. O, niyazi ukuthi niyini na? Niyindodana ebonakalisiwe kaNkulunkulu." Nizitholaphi na? Ninqotshiwe. Kunjalo. "Udumo kuNkulunkulu, ngahamba ngobunye ubusuku futhi ngaba nephupho!" O, yebo, ehhe. Niyabo? "O, ngibone *lokhu, lokho*." Ya, ehhe. "Wena, awukholelwa emaphusheni na?" Yebo, mnumzane, ngempela ngiyakholelwa. Kodwa uma lelophupho lingasekeli iZwi likaNkulunkulu, khona-ke alilungile. Leli yiQiniso lapha, hlala

ku*Leli*. Yebo, mnumzane. Holela isigidi ekuzalweni kwamanga, cabanga nje!

132 Nginophisi wephepha ebengizowuphatha, lapho ukuthi ubaba wesigungu salolonke ibandla lesiGreki loMthetho namabandla oMthetho asekhulume noPhapha John wesi 22, futhi wathi, "Singangakubona esizukulwaneni sethu, kodwa ubuzalwane obukhulu ekuhlanganeni kwababili iProtestane neKatolika kuhlangana ndawonye."

133 Ngacabanga, "Udumo kuNkulunkulu!" Omunye wakusika wakukhipha ephepheni, wangibhalela kanjalo. Ngikholwa ngukuthi kwakunguMfowethu Norman noma omunye umuntu, wathi, "Mfowethu Branham, sekuleyithi kunoma sicabanga." Buka kwinamhlanje, ungqongqoshe wezempi no, o, amaofisi ehlukene amaningi kakhulu noMongameli, futhi lesisizwe sonke silawulwa iKatolika. Lalelani!

134 Wena uthi, "Awu, bangamaKristu." Ukuba ngumKristu ngukufana noKristu, ube noMoya waKhe. Ngabe kunjalo na? Ungodelelayo, into ethize edelelayo, kodwa ngifuna ukukusho. Uma ubize ingulube ngemvu bekungayenza imvu na? Ngani, uma uthe, "Ngulube, ngikhathele nguwe ulokhu uyingulube. Ngifuna uwundlu, ngakho ngizokukhipha lapha futhi ngizokukalabha wonke, futhi ngizohlanza amazinyo akho, futhi ngizokama izinwele zakho ngizehlise, futhi ngi—ngizokwenza iwundlu elincane. Ngizobophela iribhoni ephinki emqaleni wakho futhi uzoba nguwundlu omncane esikhundleni sikangulube." Uza ngapha futhi uthi, "Wundlu, wundlu, wundlu," isayolokhu ihamba, "Onki, onki." Mdedele esibuyelweni sezingulube, uyodla wonke umqombothi angawuthola. Kunjalo! Futhi akusikho ukumfafaza, akusikho ukumfaka emanzini; ngukufa nokuzalwa! Yebo, mnumzane. Bathi, "Angizukukondla ngalutho kodwa uluseni, ngizokondla ngokudla kwezimvu." Usalokhu umondla ngoluseni, usalokhu eyingulube. Yilokho kuphela. Ngabe kunjalo na? Impela kunjalo. Ngani, impela, uyingulube ngoba imvelo yakhe iyingulube.

135 Futhi uma uthanda izwe nezinto zezwe, usalokhu uyingulube. Kunjalo. Kuthatha amandla kaNkulunkulu ukuguqula umphefumulo wakho. Makufe ingulube, beka imikhuba yengulube ealtare, zibeke wena uqobo lapho, futhi uvumele umhlatshelo kaNkulunkulu ube. . . noma umlilo wokwahlulela wehle futhi ukuqothule, njengengulube, futhi ukuzale kabusha njengewundlu. Khona-ke angeke usadla umqombothi, ubungeke, izigayi kudla zakho ngeke zakwetshisa. Awulungile. Awusoze, ngempela angeke kwamenza i—ingulube ukuthi. . . noma umenze iwundlu ukuba athi uyiwundlu.

136 Ngakho umuntu obizwa ngomKristu, ngezinye izivumokholo noma amadlingozi! Wena uthi, "Udumo kuNkulunkulu, Mfowethu Branham, ngasina eMoyeni bonke ubusuku ngalobo

busuku. Ngakhuluma ngezilimi, o, he, Mfowethu Branham!" Ngikhuluma kumaPentecostal manje. "Nga—nga—ngasina eMoyeni. O, ngaba namadlingozi, yonke into ekanjalo. Kodwa ngiyakutshela khona manje, ungahambi ukhuluma kimi ngokuthi kunento eyiGama likaJesu." Qhubeka, ngulube. Usalokhu uyingulube, yilokho kuphela.

137 "Imvu yami iyalizwa iZwi laMi!" Ngithi, "Kodwa, mfowethu, buka, ngitholele indawo eyodwa lapho abake babhaphathizwa eGameni likaYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, eBhayibhelini."

138 "Angikhathali ukuthi lokho kwenzani, Haleluya, angifuni lutho okwaleyonto endala kaJesu Yedwa." Ubani okhulume ngento kaJesu Yedwa na? Ngikhuluma ngeBhayibheli. UJesu Yedwa uyiqembu lezivumokholo neqembu lamahlelo. Oyedwa angeke abiza omunye ngenye into ethize, ngoba bobabili bakukho.

139 Kodwa ngikhuluma ngokucophelela, woqobo, umKristu ongamaphesente ayikhulu, ozalwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, namazolo eZulu empilweni yabo. Yilokho engikhuluma ngakho. Uma uyiMethodisti futhi unalokho, amen! Into kuphela omele uyenze ngukukhonjwa eZwini, uyokulandela njengedada liya emanzini. Niyabo? Impela nje. Kunjalo.

140 Abantu namhlanje bafuna izindlela ezinqamulelayo. Abafuni. . . ba—bacabanga ukuthi ukuthola ngomzuzu nje, "Udumo kuNkulunkulu!" Kuyini na? Yini le abayenzayo na? Namhlanje ebusuku base—baphandle ngale e. . . Njengabanye balababafo abanabo njengabantu abathize engingabiza amagama abo, kodwa angifuni ukukwenza ngoba lokhu kuseteyipini, kodwa basemaklabhini asebusuku namhlanje ebusuku nesiginci, besishaya, futhi kusasa ekuseni bami ebandleni ndawondawo, beshaya lesosiginci esifanayo. Ukungcola! IBhayibheli lathi kuIsaya, isahluko 28, "Onke amatafula agcwele ubuhlanzo. Njengenja iya ebuhlanzweni bayo nengulube ekuzibhixeni kwayo, benzenjalo." Ngani na? Baseyizinja nezingulube! Yilokho okubenza baphindele ekuzibhixeni nasebuhlanzweni. Usalokhu. . . Abazaliwe ngokusha. Uma bezalwe ngokusha, bayizidalwa ezintsha.

141 Niyazi ukuthini, unegwababa elidala, alenzi. . . uzama kangakanani ukwenza, ubungamupenda njenge—njengombala womnqumo njengejuba, abempunga njengejuba, abemhlophe, umpende yonke indawo, useseyigwababa ngaphakathi. Niyabo? Usanuka, inyoni endala edla inyama yesilwane esifile nje efanayo, inqe, lidla izinto ezifile zomhlaba. Kunjalo. Kodwa niyazi ukuthini, ijuba alidingeki ngisho ukuba ligeze. O, Haleluya! Umzimba wejuba, ngoba lilijuba, linamafutha aphuma ngamaqubu alo, lokho kuligcina lihlanzekile ngasosonke isikhathi, ngoba avela ngaphakathi aphumele

ngaphandle. O! Ngani na? Inyoni edla inyama yesilwane esifile ithi, "Nawami, futhi! Ngigcoba ngamanzi angcwele amancanyana, mfowethu, akulungisile." Qhabo, akwenzanga. Ngokuba, kuvela ngaphakathi kuphumele ngaphandle, hhayi kuvele ngaphandle kungene ngaphakathi. Ngukuzalwa. "Akabusiswe uNkulunkulu, ngiya ebandleni njengoba wenza. Haleluya, ibandla lami lihle njengelakho. Haleluya, nje si. . ." Kulungile, wena nyoni edla inyama yesilwane esifile. Niyabo, kulungile. Niyabo? Kodwa ijuba linamafutha avela ngaphakathi. Kukhona i—indlala ethize ejubeni engekho kwenye inyoni enjalo, ijuba noma ijuba elifuywayo. Futhi lizigcoba ngamafutha avela e. . .Ngaphandle, lizigcina lihlanzekile ngasosonke isikhathi. Alidingeki ukuba lizigcine lihlanzekile, kunento ethize ngaphakathi kwalo eligcina lihlanzekile. O, Dadewethu Way, Haleluya! Into ethize engaphakathi kulo iligcina lihlanzekile.

142 Uthi, "Ngiyazi, ngijoyine ibandla ngesonto eledlule. Mina, ngempela ngithanda ukuthatha lesosiphuzo nawe, kodwa, hhe! Mmm, lesosigazu sinuka kamnandi! O, dade, ngiyazi ukuthi ngiwuhlobo oludala, ngimele ngiyekele izinwele zami zikhule manje. Akukubi na? Niyazazi lezozingubo ezincanyana ezinhle ebengivamise ukuzigqoka, futhi wonke umuntu uthi, 'Whewu-whewu,' ngimele ngizikhumule manje. Niyazi, ngijoyine ibandla ngesonto eledlule." Ungodabukisayo olusizi! Wonke amanzi angcwele abengeke akuhlanza.

143 Kodwa, mfowethu, uma unento engaphakathi kuwe, Iyakugeza nje ngasosonke isikhathi. Yima uthule nje futhi Iyageza.

144 Awudingeki ukuba utshele imvu, "Umele ukhiqize." Yileyo indaba ngabantu abayiPentecostal namhlanje. Yileyo indaba ngawowonke amaChristiandom, ngukuzama ukukhiqiza into ethize. Imvu ayicelwa ukuba ikhiqize uvolo; iveza uvolo. Uthela izithelo zikaMoya. Awuthi, "Udumo kuNkulunkulu, ngimele ngibe mnyama ebusweni, ngimele ngenze *lokhu*, futhi ngimele ngibe nedlingozi, ngimele ngisine eMoyeni, futhi nginaWo." Qhabo, qhabo, ehhe. Zalwa ngokusha nje futhi ngokwempela kuyazenzekela. Awudingeki ukuba uthi, "Ngingafundisisa ubusuku bonke, ngingakwenza *lokhu*, ngingakwenza *lokho*, ngingajoyina *lokhu*, futhi ngingenza lokhu isivumokholo, ngingalenza isekramente lobukatolika na?" Qha, qha. Yifa nje, ilokho kuphela. Niyabo? Uzalwe ngokusha, futhi kuvela ngaphakathi, kunakekele ingaphandle. Niyabo? Fafaza ngamanzi amancane, futhi ubageze, njengokuguqula ingulube ibe iwundlu, ungeke wakwenza. Kodwa uma ngaphakathi liyiwundlu, khona-ke angeke asaba ingulube futhi. Niyabo? Lokho ngukuphawula okudelelayo; kodwa angifundile, ngidingeka ngikwenze nje.

145 Niyazi, kungukuthi, ngangicabanga, ngifunda ekuphileni kukaJohane umBhaphathizi ngolunye usuku, lokho akusho, lokho ababiza ngakho, "Nina sizukulwane sezinyoka!" Ngani na? Wakhuliswa ehlane. Niyabo, wayazi ukuthi zaziyini. Shaya unyawo phansi futhi ziyazivikela. "Nina sizukulwane sezinyoka." Futhi, "Imbazo ibekwe empandeni yomuthi." Umuthi, izinyoka, izimbazo, wayekhuluma ngalokho ayekwazi. Yileyondlela ofunda ngayo uNkulunkulu, ngalokho okwaziyo. Ubona ingulube newundlu, akukho lutho nhlobo. Ungeke wenza . . . Ungahle ugeze leyongulube encane endala futhi wenze yonke into ofuna ukuyenza, isalokhu iyingulube. Idingeka ukuba izalwe kabusha ngaphambi kokuba yiwundlu.

146 Izindlela ezinqamulelayo! Namhlanje ebusuku, baphandle lapha namhlanje, bayaqhubeka, o, he, futhi kusasa bafuna ukushumayela. Abantu abayiPentecostal bebavumela benze lokho, futhi. Ya. Bafuna indlela enqamulelayo ukuya eZulwini, "Haleluya, konke engidingeka ngikwenze ngukwehlela lapha futhi nje ngingacabangi lutho nhlobo, futhi ngithi, 'Haleluya, Haleluya, ngimbethe ingubo ende kaElija. Ngiphuma kusasa ukuba ngikhiphe odeveli. Haleluya, Haleluya, ngiWutholile!' Mayidunyiswe iNkosi, ngiyahamba!" Bafuna indlela enqamulelayo ukuya eZulwini, bethatha kakhulu kangako okwezwe abangakwazi ukukuthatha. Ungeke wathatha lutho okwakho. Akukho zindlela zokunqamulela. Uza ngendlela yaseKalvari. Uza ngendlela yealtare lethusi. Uza ngendlela yenyoka yethusi. Uyafa! Ufa ngempela. O Nkulunkulu, kungani ngingekusho kahle na? Niyafa! Ngokwenyama nife kinina uqobo. Nifa ezintweni zezwe, futhi nizalwa kabusha. Amen. Akukhozwe, izinto zezwe ifile. Akukho zindlela zokunqamulela. Niyabo? Bafuna ukulunga ngokushesha, abafuni ukukhula. Siyakhula eNkosini. Kuthatha ukukhula nesehlakalo.

147 Abantu bayatshelwa phandle oGwini laseNtshonalanga manje, "O, sinombhaphathizo ongafiyo. Sinibhaphathiza ngamanzi, ubuyela emuva ngqo ebunsizweni lapho, intombi. Yebo, mnumzane. Uqhubeka nokuthola . . ." Banezingubo ezinde zikaElija, banamadodana kaNkulunkulu abonakalisiwe. "Yebo, mnumzane, mfowethu, uNkulunkulu uthola amadodana abonakalisiwe khona manje. Ebonakalisa, ewatshela konke *lokhu*. Namhlanje ebusuku niyisoni, kusasa ningamadodana kaNkulunkulu abonakalisiwe." Umbhedo! Nikutholaphi lokho eZwini na? Abantwana abazalwa bengamadoda, bazalwa bengabantwana bese bekhula bebe ngamadoda.

148 Lalelani ngapha, nje ake ngicaphune emuva umzuzu nje futhi nginifundele okuthize kwabase-Efesu, ivesi 11, ele 12, cishe 15, ngikholwa ukuthi kunjalo, ndawondawo phakathi lapha. Asiqale evesini le 12.

> *Ukuze abangcwele bapheleliselwe, u*kusebenza *wokukhonza,* . . . *kwakhiwe umzimba kaKristu:*

*Size sifinyelele sonke* e*bunyeni bokukholwa, nase*. . . *kwazini iNdodana kaNkulunkulu,* e. . .obuphelelisiwe *ubudodana,* nase*silinganisweni sobukhulu bokugcwala* kwaKhe no*kugcwala kukaKristu:*

*Ukuze* kusukela *singabe sisaba yizingane, sishukunyiswa okwamaza, sipheshulwa imimoya yonke yezifundiso,* (lalelani, futhi mfundisoni na?) *ngenkohliso—nkohliso yabantu, ngobuqili obuna*macebo *okudukisayo, lapho balinda ukudukisa* wena*;*

*Kodwa sithi sikhuluma iqiniso ngothando,*. . .(futhi, yimani, ini na?). . .*sikhuluma iqiniso* (UyiQiniso) *ngothando,*. . .

Lalelani! Ngabe nilalele na? Thanini, "Amen." [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ini na?

. . .*sikhule ngakho konke* ku*ye*. . .

Ini, kusasa na? Qhabo. "*Sikhule* kuYe."

. . .*sikhule—khule ngakho konke* ku*ye*. . .*oyinhloko, uKristu:*

Sikhule kuYe! O, kune. . .

149 Ngikhumbula intshumayelo yokuqala engayishumayela. Ngasukuma lapho futhi nga—ngangicabanga ukuthi ngangenze kahle kakhulu, futhi wonke amanenekazi amadala ehlezi ezungezile futhi akhala kancanyanyana, niyazi, futhi athi, "O, umfana omangalisa kanje pho."

150 Umalusi omdala, uDokotela Davis, wayengummeli omdala. Ngehla, futhi wathi, "Ngifuna ukukubona ezansi endlini."

151 Ngathi, "Kulungile." Ngangena, ngosuku olulandelayo, niyazi, ethukuthele eqhuma. Ngathi, "Ngenze kanjani, Dokotela Davis na?"

Wathi, "Ukubola kwengake ngakuzwa!"

Ngathi, "Ini na?"

Wathi, "Okubi okwedlula konke kwengake ngakuzwa."

"O," ngathi, "Mfowethu Davis, wonke umuntu ubekhala."

152 Wathi, "Yebo, bayakhala emingcwabeni, bayakhala ekuzaleni, nayinoma yini." Wathi, "Yini, Billy, awukaze ucaphune elilodwa elincanyana iZwi likaNkulunkulu. Wakhuluma ngomunye umama owayesevele ehambile, noma into enjengalena, futhi wakhalisa wonke umuntu." Ngathi, "Awuzalwa ngokusha phezu kwezinto namadlingozi alomhlaba, uzalwa ngeZwi!" Wathi, "Billy!"

153 O, wanqamula umoya waphuma kimi. Ngiyathokoza ukuthi wakwenza. Niyabo? Niyabo? Hhayi ukugxuma wenyuka wehla,

umpongoloza, lokho akusikho. YiZwi elenza ukuphila. IZwi elihlunyelelisiwe. Kungesizo izehlakalo; iZwi!

154 Wathi, "Ngiyakhumbula udaba lokuqala ngazama, Billy." Wathi, "Ngishaya kuloliwe," futhi wathi, "Ngathi, 'Buka lona wezifazane ompofu.'" O, wathi, "'Buka ukuthi ubukeka kanjani, nomyeni wakhe emphatha kabi.'" Futhi wathi, "Ngakhala kancane futhi ngacosha iduku lami, futhi ngenza njengabobonke abameli." Wathi, "Ngicabange ukuthi ngiyodlula emadlingozini afanayo." Wathi, "Mahluleli, Mhloniswa, kungani ungamniki isehlukaniso. Buka lokho! Uthi umyeni wakhe umshaya ngemuva wonke umhlane." Akakubonanga ngisho, ngaphansi kwezingubo zakhe zangaphansi. "Bamshaya wonke uhlane." Futhi wathi, "Kungani ungemnike. . . " Umahluleli omdala uhlala lapho nje, wabuka.

155 Ngokuqondile ummeli omdala ehlezi ngale kwelinye icala, ekhulile, wathi, "Mahluleli, Mhlonishwa, kakhulu kangakanani uyo. . .kwalombhedo inkantolo yakho iwumele na?" Okuningi nje kuqhubeka.

156 Yileyondlela abantu abaningi abenza ngayo. Ukuqhubeka okuningi kakhulu ngaphandle kweZwi elenele ngemuva kwakho ukusekela. Khula! "O, usine eMoyeni izolo ebusuku, Mfowethu Branham, ulungile." Qha, lokho akumenzi alunge kimi. Qhabo, mnumzane. Ufanele akhule, ahlolwe, avivinywe, akhule kuYe, anongwe.

157 Ngangifunda emilandweni kungekudala. Ngabe ngithatha isikhathi esiningi na? Ngangifunda emlandweni webandla. Ngikholwa ukuthi uDadewethu Arnold emuva lapho wangi "amenela" ngolunye usuku entweni ethize mayelana nomlando webandla, ayekade ewufunda. Ngibonile lapho ngobunye ubusuku kwakunomfana emzini wezindela zesilisa, ezinsukwini zikaMartin oNgcwele, ukuthi wathi, "INkosi yangenza umprofethi omdala ovela eTestamenteni eliDala. Niyabo? Ngingomunye wabaprofethi abadala." Awu, angeke ngabiza igama lombhishobhi lapho, walesisikole esincane, iqembu elincane nje njengaleli lapha. Angilikhumbuli igama lakhe manje, kodwa waqeqeshwa ngaphansi kukaMartin. Akuzwakalanga kahle nje, ngakho bonke abazalwane bavele bamyeka yedwa nje. Ngokuqondile waprofetha, wathi, "Namhlanje ebusuku uNkulunkulu uzokwehla futhi uzonginika ingubo emhlophe, ukuba ngihlale phakathi kwenu, futhi niyokwazi ukuthi ngingomunye wabaprofethi beTestamente eliDala." Ngakho ngalobobusuku, ngeleshumi nambili nqo, empeleni kwenzeka. Amaphimbo ezwakala, abantu bezungeza, nomfana wathola ingubo emhlophe, bathi imhlophe ngakho konke. Uyaphuma, wathi, "Anginitshelanga na?" Wathi, "Manje nonke thathani ukuyalela okuvela kimi. Ngingumprofethi weTestamente eliDala."

158 Kodwa umbhishobhi omdala akakuzwanga ngokuyikho nje. Kwakungesilona iZwi. Abaprofethi abakhiwa, babikezelwa ngaphambili. Nomprofethi wayengeke enze kanjalo, ekuqaleni. Izithelo zakho zafakazisa ukuthi kwakungesikho. Niyabo? Izithelo zafakazisa ukuthi kwakungesiye umprofethi, niyabo. Ngakho wathi, "Sizochitha ubusuku bonke ekuzileni ukudla futhi sikhuleke, futhi sicula amahubo." Usuku noma ezingako kwedlula. Emva kwesikhashana umbhishobhi omdala, ekhuleka, wathi, "Nkosi, lowomfana!" Leyongubo ende, bayibuka, se-. . .abakaze bazi lutho, babone noma yini enjalo. Ababhali bayafika futhi babuka, futhi abakaze babone lutho olunjalo. Kwakulapho. Ekugcineni, babazi umuntu oyedwa owayengumprofethi, lowo lwakunguMartin. Bathi, "Kulungile, into eyodwa manje wena ukuba uyenze ukufakazisa kithi. Ngokombhalo unephutha. Kunganjani uye ngale kuMartin futhi ume phambi kwakhe bese umtshela lokho na?" Niyabo?

Wathi, "O, nginqatshelwe ukuba ngime phambi kukaMartin."

159 Lowo onegolide elihle akahambi enetwetwe ukuya emshinini wokuhlola; ehhe, kunjalo, lowo oneQiniso. Yilesosizathu ngiphonsa inselelo. Noma ubani akeze futhi angikhombise lapho umbhaphathizo eGameni likaJesu Kristu uliphutha. Ngikhombise lokhukuzalwa onakho, ukufa. Futhi uma usalokhu unezwe kuwe, uselokhu ungowezwe. Ngikhombise lezizinto. Awudingeki ukhathazeke ngakho, kuthathe ukuse emshinini wokuhlola. *Nanku* uMshini wokuHlola. Niyabo? Niyabo? Kunjalo.

160 Ngakho bathi, "Uyaya noma kanjani." Nesigejane sabazalwane samqukula, nengubo ende yaphela. Niyabo? Bebengeke yini abantu abangamaPentecostali bedle lowo nya na? O, he! Kwakubukeka njengento yangempela, kodwa kwakungesikho ngokweZwi.

161 UMartin wathi uSathane wavela kuye ngesinye isikhathi, egqoke umqhele omkhulu wegolide, ezintathu noma izitaki ezine zezinkanyezi kuwo kanjalo, umanyazela futhi umuhle, umfo omkhulu omuhle, omnene, obukekayo, okame kahle futhi econsa, embethe ingubo emhlophe enhle, nezicathulo zakhe ezinyaweni zakhe zaziyigolide, wahamba futhi wathi, "Martin, uyangazi na?"

162 Manje abantu abangayiboni imibono, lokhu kungahle kunga—lokhu kungahle kunga . . . ungahle ungakuqondi, niyabo, kodwa izinto ziza kanjani kuwe ngemimoya engafani, nokuthi zidukisana kanjani. IBhayibheli lathi bayodukisa nabakhethiweyo impela uma kwakunokwenzeka, niyabo. Abakhethiweyo, yilabo abakhethwa ngaphambili futhi bazalelwa leyonhloso. Niyabo? Niyabo?

163 Ngakho uzela laba abakhethiweyo, wathi, “Martin, uyangazi na? NginguKristu.” Wathi, “Uzongiqonda na?” NoMartin waba manqikanqika. Kwabonakala kuxakile. Walinda umzuzu, wayesesho futhi, wathi, “Awungiboni na? NginguKristu. Awungiqondi na?” Wakusho izikhathi ezintathu noma ezine kuye.

164 UKristu wathi, noma uMartin wathi, “Sathane, ngiyakwazi. INkosi yami ayikaqheliswa okwamanje, kodwa abangcwele baYo bayakuYiqhelisa.” Nanto-ke iZwi, emuva.

165 Yilapho ibandla lamaRoma lithole izimfundiso esingaphikiswa eziningi, imimoya emibi ingena, iphambene neZwi, futhi babemele baphike iZwi ukuze bathathe imfundiso yabo engaphikiswa futhi baqhele eBhayibhelini. Hlala neZwi! Lelo yintambo yokuPhila namhlanje. Kuyoba nemimoya evukayo amva kwesikhashana eyodukisa yonke into, cishe. IBhayibheli lasho njalo. “NjengoJane noJambre bamelana noMose, kanjalo lamadoda ayoba nomqondo onolunya mayelana neQiniso,” benze izimangaliso futhi benze lonke uhlobo lwezibonakaliso. Kodwa hlala naleloZwi. IZwi likaNkulunkulu leza kubaprofethi, futhi baLiveza, futhi siyabakholwa abaprofethi.

166 Qaphelani, yebo, wathi, “Ngiyakwazi, Sathane.” Wathi, “INkosi yami ayinkulu kangako. INkosi yami yemuka imbethe ingubo ende endala emahhadlahhadla, nezibazi zezipikili esandleni saYo, ingaqhelisiwe, namagoda anegazi. Futhi uma Isibuya, Iyofika kanjalo, ngokuba iBhayibheli lathi Iyobuya ngendlela eYahamba ngayo.” Nento yanyamalala kuye. O, he!

167 Ukuthi ungena kanjani futhi akwenze kube kuhle, “O, bakhuluma ngezilimu. Ba, ba, bangabantu abangcono ukudlula bonke enake nababona.” Ungakukholwa lokho. Ubheke ngokufisa.

168 Ngithemba ukuthi iZwi alinidini. AmaKristu azelwe akhula emumweni kaKristu njengoba ephila. Abazalwe ngokusha, nezimpilo zawo ziqala ukubumbeka njengomntwana. Kuthatha isimo futhi kuqala ukukhula. Into yokuqala uyazi, lapha asomumweni ogcwele. Amen. Nakho lapho enikhona. Usuku ngosuku, unyaka ngonyaka, ahlala efana. Manje buyelani eZwini, “Uma nihlala kiMi!”

169 Bathi, “Ngizalwe ngokusha, Haleluya, ngibajoyinile. Ngijoyine *lokhu*. Ngijoyinile. Angazi, ngonyaka odlule ngakholelwa eGameni likaJesu, manje ngi—ngikwesekelile manje, ngi—ngikholwa yi*lokhu*. Ngakukholwa ukuthi wawumele uphile, ubengcwele, kodwa ngi—ngi . . . U*Sbani-bani* uthi . . . ” Abazulazulayo, bezanyazanyiswa yiwowonke umoya wemfundiso. Niyabo? Nakho lapho ukhona.

170 Kodwa nizalwe ngoMoya futhi nikhule emumweni kaKristu! Uyakubona, Mfowethu Dauch na? Ukukhula emumweni

kaKristu! Ngempilo yakho, ifakazisa. Njengokuthi uma wawuzalwe ungumprofethi, uyohlala unguye. Uma wawuzalwe ungumKristu, uyohlala unguye. "Uma uhlala kiMi namaZwi ami ehlala kuWe!" *Lokhu* kukukhulisela emumweni kaKristu. Kungesiye ummeli osemusha eshaya, eklabalasa, ekhala, ekutshela *lokhu, lokho, okunye,* enza amadlingozi amaningi; kodwa umuntu othize okhulele emumweni kaKristu, yonke iminyaka uvuthiwe futhi waqinisekiswa, emile kukhala esakhe isicathulo. Akekho omunye! "Sima kuKristu iDwala elimiyo, yonke eminye imihlabathi iyisihlabathi esibishayo. Amahlelo nezivumukholo akuze, kuhambe, makuthi izimfundiso ezigqamileyo; zingigcine ngithobekile, Nkosi, ngihlale ngqo neZwi futhi nginyakaze ngqo ngomgudu. Uyosiholela ogwini." Ummumo ogcwele.

171 Manje bukani, uma sibona ukuthi kuvela kanjani lapha, futhi ungeke waguquka emva kokufa. Manje bukani lababantu abangenayo, bathola wonke amadlingozi nezinto, kuphele futhi kusasa banga*le*ndlela. Nikubonile na? Amakhulu abo. Niyabo? Futhi niyabo, ni—niyabona ukuthi kwenzakalani. Futhi manje kuthiwani uma labobantu bafe bekulesosimo na? Ukufa akukuguquli.

172 Ngakho, O, maKristu, ekuvaleni lamaZwi, ake ngisho lokhu. Asiphendukele kuYe neZwi laKhe, ngabobonke ubuqotho. Size ngokuthobeka, njengamaKristu, futhi sizalwe ngokusha ngoMoya waKhe. Futhi uma uzalwe ngokusha, ungumKristu oqinisekisiwe ngezithelo ozithelayo. Uyakuthola lokho, Dadewethu Peckenpaugh na? UngumKristu ngezithelo zakho ozithelayo. "Niyakubazi ngezithelo zabo." Leso yisiqinisekiso. Ungahle ungabazi oABC bakho, kodwa nokho ungaba yinenekazi, umKristu. Ungahle ube ngozondwe yiZwe, (uma ukwenza ngoba ngenxa yento ethize oyenzile, obufanele), kepha uma uzondwa ngenxa yaKhe, lokho kwehlukile.

173 Ungahle ungabi—ungahle ungabi usiyazi wezenkolo. Bukani impumputhe eyazalwa ingaboni. UJesu wayiphilisa. Yayizalwe kusukela ekuzalweni, yiyingenazo ngisho izinhlamvu zamehlo. NoJesu wayiphilisa, wayiphilisa. Futhi ngenkathi leyondoda ifika ukubona, nabaFarisi bayibuza, bathi, "BekunguBani na?" Babengephike ukuthi kukhona okwenziwa. Manje, indoda yayingesiye usiyazi wezenkolo. Wayengephikise njengoba abashumayeli bengenza, izinto eziyiqhinga elincane, wayengebachazele. Wayengalazi iTestamente. Wayengazi ukuthi uMesiya wayezozalwa kanjani nemisebenzi Ayezoyenza. Indoda yayingakwazi. Yayingesuye usiyazi wezenkolo. Kodwa yenzani na? Bathi, "Nika uNkulunkulu udumo. Siyizazi zezenkolo, futhi siyazi ukuthi Uyisoni."

174 Manje indoda yayingeliphike izwi labo, kodwa nakhu eyakusho, ngamanye amazwi, "Uma—uma Eyisoni futhi enza lokhu, khona-ke yini'ndaba ngani bafo na? Yini'ndaba ngani

nonke na?" Niyabo? Yathi, "Noma ngabe Uyisoni, noma akasiso, angazi, angeke ngakusho lokho. Kodwa lento eyodwa engiyaziyo, lapho ngake ngaba yimpumputhe, manje sengiyabona." Wayenzani na? Waqinisekiswa. Kunjalo. Wayeqinisekiswa. Into ethize yayenzekile kuye. Ubuyena baguqulwa busuka ebumnyameni kuya ekukhanyeni, ukusuka ebumpumputheni kuya ekukhanyeni.

175 Nendoda ezelwe ngoMoya kaNkulunkulu, ukuthi yake yaba nesimo sokwesaba uNkulunkulu, iphika iZwi lakhe, naMandla alo, nokuthi "Izinsuku zezimangaliso selwedlule," lapho izelwe ngokusha, ingahle ingabi yisifundiswa, ingahle ingakwazi ukuKuchaza, kodwa iyaLikholwa. Njenge . . .

176 Uma umzalwane wami oyikhaladi nodade lapha engixolela ngokusho lokhu, umfowethu omdala oyikhaladi ezanzi eNingizimu, baxoxa indatshana ngaye, bathi wayephethe iBhayibheli futhi wayengakwazi ngisho nokufunda igama lakhe. Futhi wathi, "Mose, uliphatheleni iBhayibheli lakho na?"

Wathi, "LiyiZwi likaNkulunkulu."

Bathi, awu, bathi, "UyaLikholwa na?"

177 Wathi, "Yebo, mnumzane, impela ngiyaLikholwa." Wathi, "NgiLikholwa kusukela e 'khaveni' kuye 'ekhaveni,' futhi ngikholwa i 'khava' futhi, ngoba Libhalwe ukuthi iBhayibheli eliNgcwele kuLo."

178 Bathi, "Wazi kanjani ukuthi YiBhayibheli eliNgcwele na?" Bathi, "ULazi kanjani na?"

179 Wathi, "NgiyaLikholwa nje. Yilokho kuphela." Yilokho kuphela ayedingeka abenakho. WaLikholwa nje. Wayengazi ukuthi kungani, kodwa waLikholwa.

180 Bathi kuye, "Mose, ngabe u, ubungenza noma yini leloBhayibheli elithi yenze na?"

"Yebo, mnumzane." Wathi, "Uma iBhayibheli lasho njalo, ngiyokwenza." Nakho lapho okhona.

181 Wathi, "Kulungile, Mose." Wathi, "Manje, ini, ukuba lolodonga lwetshe lapho, uma iNkosi ikutshele ukuba ugxume udlule kulolodonga lwetshe, ngabe ubuyokwenza, ubungagxuma udlule kanjani kulolodonga lwetshe na?"

182 Wathi, "Ngabe iBhayibheli liyasho yini ukuba uMose akagxume adlule lolodonga kwetshe na?" Niyabo?

183 Wathi, "Kodwa ukuba uNkulunkulu ubeyokhuluma kuwe futhi akutshele ukuba ugxume udlule kulolodonga lwetshe na?"

Wathi, "Uma kwakunguNkulunkulu, futhi Ungitshele ukuba angigxume, bengiyogxuma."

184 Wathi, "Uyodlula kanjani kulolodonga ngale kwembobo kulo na?"

185 Wathi, "Uma kwakunguNkulunkulu, Ubeyoba nembobo lapho uma uMose efika lapho." Futhi kunjalo. Kunjalo!

186 Linga uthathe iZwi likaNkulunkulu futhi ume lapho futhi usho ukuthi Linjalo! Vumela lona ohlwempu owesifazane omncane lapha. Ucabanga ukuthi uzofa, futhi konke akulungile ngaye, niyabo. Awufi! Uthi, "Ngingakwenza kanjani, Mfowethu Branham na?" Thatha iZwi laKhe nje bese uma kuLo manje kanye, niyabo. Yima kuleloZwi, ubone ukuthi kwenzakalani. Tshela udeveli ukuthi ungumqambi manga. Ubunomopho yonke leminyaka, cishe iminyaka engamashumi amahlanu nesikhombisa ubudala. Futhi deda entweni, ngudeveli! Thatha iZwi likaNkulunkulu bese uthi, "Ngemivimbo yaKhe ngiphilisiwe," qaphela ukuthi kwenzakalani. Khona-ke uyoyeka ukucabanga ukuthi unokuhlaselwa inhliziyo nayoyonke into. Awunakho ukuhlaselwa inhliziyo nazozonke lezozinto. Ngamanga. Awunakho. Kholwa iZwi likaNkulunkulu. Kunjalo.

187 Uma uzelwe ngokusha, uNkulunkulu uyakuqinisekisa. Yileyondlela uNkulunkulu aqinisekisa ngayo yonke imvelo yaKhe. Ini na? Ngezithelo zabo. Yileyondlela aqinisekisa ngayo inkonzo yaKhe. Kunjalo. Zonke izinceku zakhe ziqinisekiswa ngendlela efanayo Aqinisekisa ngayo imvelo. Wazi ngani ukuthi isihlahla samapentshisi na? Ngoba uveza amapentshisi. Wazingani ukuthi isihlahla samaphula na? Uveza ama-aphula. Wazi kanjani ukuthi ungumKristu na? Izibonakaliso zomKristu zivela kukho, impilo yomKristu iphuma kukho. Wazi kanjani ukuthi ungumfundisi na? IZwi liphuma kuye. Wazi kanjani ukuthi ungumprofethi na? IZwi livela ngaye, liyafakaza, ukuqinisekisa. Siyazifakazisa sona uqobo. Siba kanjani ilokho na? Uma sifa futhi siba sinye. Kunjalo. Uma sifa futhi siba yisidalwa esisha kuKristu uJesu, lisihlanganisa nobizo lwethu, sihlala nobizo lwethu. Izithelo zikaMoya ziyasilandela uma siyizinceku zaKhe. Uma sizalwe ngokusha, izithelo zeMpilo kaKristu ziyasilandela. Kunjalo. Wazi kanjani ukuthi isihlahla samapentshisi na? Sinamapentshisi. Wazi kanjani ukuthi ungumKristu na? Uziphathisa okukaKristu, uhamba njengoKristu, ukhuluma njengoKristu, uphila njengoKristu, ngaphezu kwesono, unokunqoba. Wenzani, athi, "Niyabona ukuthi ngenzeni"? UKristu akakwenzanga lokho. Wanika lonke udumo kuBaba. Kunjalo. Ukwazi kanjalo-ke. Niyakubazi ngezithelo zabo. Yini efanele . . .

188 "Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kuwe, uma umuntu engazelwe ngokusha angewuqonde ngisho uMbuso kaNkulunkulu."

189 Ngakho hhayi umlayezo wami kaNyaka oMusha lapha ligamenxe eleshumi nambili, noma imizuzu engamashumi amabili ngaphambi kwelokuqala, kodwa iseluleko sami sibheke kuwe, mKristu, wena othanda uNkulunkulu. Uma uza eltare lethusi lokwahlulela likaNkulunkulu, futhi ufuna

ukuzalwa ngokusha, zibeke wena uqobo phezu kwalapho. Ungalindeli ukuvuka futhi, uzofa. Leso yisiphetho sakho. Yilokho kuphela. Uma ungakwenzi, uma ungazizweli ukuthi ungenza lokho, ungakwenzi, ungakuzami, ngeke kwasebenza; ngokujulile, ngobuqotho. Namakhasi cishe alishumi ngaphezulu alesisifundo lapha, noma ngaphezulu, imiBhalo, ngiyayeka. Kodwa zibeke phezu kwealtare lethusi likaNkulunkulu lokwahlulela kukaNkulunkulu, futhi ubengofile nje ezweni njengoba uKristu wayenjalo. Niyabo? Yiza ufile nje njengenyoka ehlulelwe yayisensimini yase-Edeni, esivele imelwe esimweni senyoka yethusi, kungekho kuphila hlobo kuyo. Konke ukuphila kwayo kwakungasekho. UKristu wayengenakuphila, waMsusa esiphambanweni futhi baMngcwaba ethuneni. Waye—Wayefile. Kwase kuthi-ke Wavuka enzela ukulungisiswa kwethu. Futhi safa neWundlu lethu ealtare, futhi savuswa futhi, ngokuba sekulungisisweni kwaKhe. Sazi kanjani na? Ngoba ukuPhila kwaKhe okwaMvusa kulesosimo sokufa, lokho kuPhila okufanayo kuyasivusa esimweni sokufa kwethu ezweni, ekubeni isidalwa esisha kuKristu uJesu, bese kuthi-ke ngoMoya oNgcwele sinanyekwe ngophawu eMbusweni kaNkulunkulu kuze kube usuku lokuhlengwa kwethu.

190 "Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kuwe, uma umuntu engazelwe ngokusha angewuqonde uMbuso kaNkulunkulu." Ungazami ukuWuqonda. Awusoze wakwenza. UJesu wathi ungeke. Wamukele nje, wamukele ezisekelweni zeZwi laKhe.

191 Ungangeni ngokuphuphutheka manje, futhi uthi, "O Nkosi, ngiphe idlingozi." Ungakwenzi, "Nkosi, ngiyaKutshela." Qhabo. Thani nje, "Nkosi, ngibulale, khipha izwe kimi. Ngi—ngi—ngisazithanda izinto zezwe." Angiqondile okudaliweyo, ukushona kwelanga nobuhle, nento ekanjalo, lokho akusikho engikhuluma ngakho. Ngicabanga ngenkanuko, ihlazo, umumo wezwe. Zonke lezizinto zezwe. Nje, bayafa nje, bafa nje ngokuzenzekelayo, futhi awuna . . . ayisabambelele kuwe. Ziba ngezinukayo kuwe, "A, awuboni ukuthi abantu baphila kanjani kuzo!" Uyamemeza. Ikaningi ukubuka, uba mubi kakhulu! Yebo, mnumzane. Ungeke wakuxegisa ngalo. Akukho ndawo yokuxegisa. Akunandawo ukuba uzifake kuyo lapho ngenkathi kukhona izwe lapho. Ufile kulezozinto. Futhi ungakwenza kanjani, wake wafa ezweni, bese uzihlanganisa ezintweni zalo futhi na? Ungeke wakwenza. Ngakho ungakwenzi lokho. Yifa ezintweni zezwe.

192 UNkulunkulu anibusise. Yibani ngamaKristu azelwe ngokusha. Zalwani ngokusha, khona-ke awudingeki ukuba uthi, "Yinto enzima kakhulu," nina besifazane, "ukuba mina ngiyekele izinwele zami zikhule." "Yinto enzima kakhulu kimi ukuba ngiyekele ulaka lwami luhambe," wena ndoda. "Mfana, ngizomele nje ngitshele umkami. Ngiyamthola, mfana, futhi ngiyamxhawula futhi ngithi, 'Ngiyazi ngingumKristu,

bengingafanele ukwenza lokhu, kodwa vala umlomo wakho futhi hlala phansi.'" Hhe-e, ungakwenzi lokho. Niyabo?

193 Uyathanda ukubona isikhathi obungamgaxa ngaso, futhi uthi, "S'thandwa, lokho akusikho ukuba ngumKristu." Yileyondlela ofuna ukuba ngayo, akunjalo na? Ungaba ngaleyondlela. Niyabo? Futhi uma indoda ikushaya ngempama esihlathini esisodwa, akudingeki ukuba umnqume ngommese wasephaketheni. Niyabo? Umuntu ukushaya ngempama esihlathini esisodwa, uthi, "Mfowethu, wenze lokho ngasiphi isizathu na?" Niyabo? Nakho lapho ukhona. Lobo ngubuKristu. Uma umuntu othize esho okuthize okubi ngawe, esikhundleni sokuthi nje uzame ukwenza umbukiso omkhulu ngakho, nyelela uye ndawondawo futhi uthi, "Baba waseZulwini, indoda ingefayo. Ngiyakhuleka ukuthi Uzokhipha lowomoya kuye. Ungamvumeli enze lokho. Ngikhulekela ukuba Usindise impilo yakhe."

194 Ungakusho, "Nkosi, ngiyazi ukuthi bengingafanele ngikusho." Awu, ungahle ungakusho ngezindebe zakho, kodwa ukuhlose enhliziyweni yakho. Niyabo? Yinhliziyo yakho ekhulumayo, niyabo. Uma uzelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, empeleni uthanda wonke umuntu. Manje awuzithandi izindlela zabo nezinto ezikanjalo, ungafuni ukuhlanganyela kukho. Qhabo, mnumzane. Qhela ezintweni zezwe, kodwa zigcine ungenabala. Nendlela kuphela omele ukwenze ngayo, ivela ngaphakathi kuphumele ngaphandle, njengejuba lilungisa amaphiko alo, niyabo. Alidingeki ukuba liwalungise, lithi, "Manje, namhlanje ngifanele ngisule wonke lawa," bese kuthi kanjalo. Qhabo, linamafutha kwingaphakathi lalo ngoba liyijuba, aligcina lihlanzekile. Niyabo? Kunjalo.

195 Ungekwenze lokho na? UngeMemukele kanjalo na? Lokho ngukunibonisa kwami kini kulokhu kwandulela kukaNyaka oMusha. Ngibonisa lelitabernakele elincane. Nginithanda kanjani, ngilithanda kanjani leliqembu elincane labantu! Bengingathanda kanjani ukungena ngesinye isikhathi, ngehle kulendlu, futhi ngibuke nje. Niyazi ukuthi yini ebengilangazelela ukuyibona na? Ibandla eligcwaliswe ngoMoya, ukuthi isono angeke sibe ngakulo ngisho. Kungathi ilunga elilodwa lenze okuthize okungafanele, uMoya ukulungise khona manjalo. Uyosaba ukujoyina yena uqobo namaKristu ngaphambi kokukuvuma futhi akulungise, ngoba ubeyobizelwa khona manjalo emhlanganweni uma nihlangana ndawonye. Niyabona lapho, akuthandeki na? Manje-ke ukungcola kuyangena futhi kuhlale phansi phakathi kwenu, into yokuqala niyazi, uMoya oNgcwele ukhuluma ngendlela yokuthi wembula izimfihlo zenhliziyo yabo, niyabo, ebatshela. Manje, uma kuyosebenza koyedwa, kuyosebenza komunye. Niyabo? Niyabo? Futhi wonke umuntu emkhulekweni, nonke nimunye, umuntu oyedwa, umuntu oyedwa nje, njengoba

sonke singamalunga aloMzimba uhambisana, wonke ezelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, ligcwaliswe ngaMoya munye, labhaphathizelwa eMzimbeni munye. Kungemangalise lokho na? Manje, singabanakho, uNkulunkulu wakuthembisa kithi. Kodwa kuqala, ukufa, ukungcwaba, nokuvuka naYe.

196 Asikhothamise amakhanda ethu senzela umkhuleko. Kunamaduku abehleli lapha futhi.

197 Nkulunkulu oNgcwele, siyaqonda, Nkosi, ukuthi ukwahlukaniselwa kokuma kulendawana. Siyaqonda ukuthi siseNdlini kaNkulunkulu. Singaphakathi, sizibandakanya noMzimba kaKristu, okuyiNdlu kaNkulunkulu. Amalunga oMzimba ahlangene ndawonye. Kunoyedwa osuka kwenye indawo, nomunye kwenye, behlangene ndawonye. Futhi namhlanje, kulesisifundo sikaSonto sikole, sibeside futhi sakhandla. Kodwa, Baba, ngikholwa ukuthi sigcotshwe nguWe, ukuze sibe ngalendlela, ukuthi singaqonda ukuthi ukuzalwa nokuvuka kuchaza ukuthini. Kuchaza ukuthini ukuzalwa ngokusha. Sifanele, izinto zokuqala kuqala, sifanele sife ukuze zizalwe ngokusha. Awuyiguquli neze iMithetho yaKho. Umthetho wemvelo usahlinzeka. Umthetho wemvelo ungukuthi noma iyiphi imbewu ifanele ife kuqala ukuze izalwe ngokusha. Futhi siyaqonda ukuthi thina, nathi, sifanele sife ukuze sizalwe ngokusha. Nabaningi kakhulu, Nkosi, namhlanje, ngikhulekela ukuthi Usithethelele, abaningi kakhulu bebencike phezu kwezehlakalo ezithize ababenazo, ukuthi bazisho ukuthi bazalwe ngokusha. Kepha izithelo zempilo yabo ikhombisa ukuthi i . . . balethwa esihlahleni okungesiso.

198 Leso bekuyisizathu sami, Baba, njengalokhu ukusa ngicela uma uMfowethu Neville wakhuluma kimi ukuletha uMlayezo, ngizofundisa nje uSonto sikole. Futhi ngakho-ke, Baba, ngikwenze ngo—ngothando nangayoyonke inhliziyo yami, ukuthi abantu bangazi lokho, kungesikho ukuphumula phezu kwezehlakalo ezincane ababanazo, kodwa baphumule ngesizotha empilweni yabo yosuku ngosuku; baphila kanjani ezikhathini uma besebandleni, nokuthi baphila kanjani uma u—ubunzima obukhulu buvela ngaphandle. Ngabe babalekela esiPhambanweni ukuthola usizo uma kuvuka inkathazo, noma ngabe bahamba emoyeni wabo nemicabango yabo na? Ngabe babuyisela ngokuthukuthela uma bethukuthelisiwe kukho na? Lowo yilombuzo, Baba. Futhi uma sibona ukuthi akunakwenzeka nhlobo kithi ukuba sihlenge omunye, ukuthi uNkulunkulu wenza indlela ehlukaniselwe, u—uMhlantshelo onele konke, futhi YiNdlela kuphela esingeza ngayo. Hhayi nganoma yiliphi ibandla, noma yisiphi isivumokholo, noma yiliphi ihlelo, noma yiliphi idlingozi, kodwa ngendlela kaKristu. Njengomuntu wokuqala, olungileyo wafa, wafa ealtare newundlu lakhe. Nakulelihora impela, wonke omunye umuntu olungileyo umele afe ealtare lethusi likaNkulunkulu, neWundlu

lakhe, uKristu Jesu. Bese kuthi-ke sife naYe, futhi savuswa kabusha, ekuPhileni okusha. Siphe khona, Nkosi, ukuthi akusoze kwageja nanoma iyiphi inhliziyo lapha.

199 Masikucabangisise namhlanje, Nkosi, sisabuya kulentambama, futhi ligamenxe elesikhombisa, ukuqala lapha uchungechunge lwemihlangano ekushumayeleni namhlanje ebusuku. Ngiyakhuleka ukuthi Uzobusisa noma ubani wezinceku zaKho namhlanje ebusuku ngoMlayezo onamandla, Nkosi. Siphe khona. Kwangathi imiphefumulo yethu ingagcwaliswa. Lababantu abashayele kade kakhulu ukuze bangene, kwangathi lapho . . . begcwaliswe kakhulu ngeVangeli lamandla kaNkulunkulu kudlule isikhathi sangaphambi kukaNyaka oMusha ukuthi bazohamba besuka lapha bejabule futhi bethokoza. Siphe khona, Nkosi, ubanika uKudla komoya wenzele unyaka ozayo. Siphe khona.

200 Sithethelele ukona kwethu, njengalokhu sibathethelela abasonayo. Futhi Wena wathi, "Uma wena enhlizweni yakho ungathetheleli wonke umuntu ukona kwakhe, noBaba wakho waseZulwini akayikukuthethelela." Ngakho, Nkosi, sithethelela wonke umuntu. Thina, ngokukholwa, kulokhu ukusa, sibeka imiphefumulo yethu phezu kwealtare, shisa konke okuncane kwempilo yezwe iphume kithi, Nkosi. Kwangathi umusi ukhuphuke uvela emhlatshelweni wethu, Nkosi, futhi ube ukunuka kwephunga elimnandi emakhaleni aKho. Siphe khona, Nkosi, njengoba singabeki iwundlu elishisiwe, kepha sizibeka thina uqobo phezulu lapho njengezoni, ukuba sishiswe njengezoni, futhi siguqulelwe emawundlwini okuzalwa okusha. Siphe khona, Nkosi.

201 Khona-ke ungasingenisi ekulingweni, kepha usikhulule kokubi; ububi bokugula, ububi bokucindezelwa. Philisa wonke umuntu osendlini kulokhu ukusa. Wonke umuntu ogulayo makaphiliswe namhlanje, Nkosi. Ngikhuluma lamazwi eGameni leNkosi uJesu, ukuthi izintaba ezilele phambi kwabantu zonke zinganyakaziswa namhlanje. Uma kungukugula, uma kuyinkanuko, uma kungukufutheka kwenhliziyo, uma kuyinoma yini yezwe, kwangathi ingaqhela endleleni futhi makuthi iZwi likaNkulunkulu lingene futhi lenziwe libonakale ekuphileni kwabo. Sikhulule kokubi; ngokuba uMbuso ungowaKho, Nkosi, namandla, nodumo, njalonjalo. Amen.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

Manje xhawulanani.

Ng'yaMthanda, ng'ya . . .

Phendukani nje, futhi nithi, "Sawubona, mfowethu, sawubona!"

Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

Qhubeka udlale.

202 Ngifuna ukunibonga ngamunye wenu ngawo wonke umusa wenu kulonyaka odlulileyo. Mhlasimbe ngizothola uMlayezo wami namhlanje ebusuku, iNkosi ithanda, ligamenxe elesikhombisa. Ngifuna ukubonga uCharlie noNellie, noRodney nomkakhe, ngomusa wabo, isikhathi sokuzingela njengoba bengisezansi lapho, bangiphathe sengathi bengingubaba wabo noma umfowabo. Futhi kinina nonke bantu enibenomusa kakhulu kimi, ngiyabonga. Mfowethu noDadewethu Dauch, noMfowethu Wright, nanoMfowethu Ben, nabaningi, no—nonke bantu, Mfowethu Palmer futhi, niyazi, nonke nina enivela eGeorgia, kuzungeze konke yonke indawo, ngiyabonga.

203 Empeleni, ubaba kaMargie, bashayile izolo futhi bathi ubegula. Ngabe—ngabe uMargie noRodney ulapha na? Abekho na? Unjani umfo omdala na? [Umfowethu ebandleni uthi, "Angahle ukuba nje ungconywana."—Umhl.]

Nje asi, ngokunensa, asikhuleke.

204 Baba waseZulwini, amaviki ambalwa edlule ngahlala phezu kweposhi yezwe encane emuva phezulu le emgwaqeni eKentucky. Osegugile ubabayi omdala ehlezi phandle lapho egqoke ama-ovaroli akhe, nehembe lakhe eliphaphathekile elihlaza-s'bhakabhaka, eqhaqhazela. Ngamthatha ngesandla futhi ngabona ukuthi wayesesondela esiphethweni. Umama omdadlana wangimemela phakathi ukuba ngibe namanye amabheskidi nesitshulu. Nkosi, babehlonipha iZwi laKho kuphela. Manje uyazabalaza lapha, uyasishiya. Ungamvumeli afe eyisoni, Nkosi. Mhlawumbe kubengelethu . . . Inceku yaKho, Nkosi, iphutha. Leyondoda endala bandla, ingazi lutho ngaphandle kokushaya ikhiphe amagade futhi iphilisa abantwana bayo, kodwa ngithole kuye umoya omuhle omnene. Ungamvumeli afe eyisoni. Indodakazi yakhe ingomunye wethu, Nkosi. Nokuthi kanjani uMargie omdala, lawomahlombe amancane eqaqamba, nokuthi ungisize kanjani futhi ezama ukungilungisela umbhede ukuba ngilale kuwo phansi lapho, no—nokudla kwasekuseni etafuleni, futhi yena noNellie noCharlie nabobonke, umama Cox. "Futhi wayekhala," bathi, "ocingweni. Ubabayi wakhe uyahamba." Lowo ngubabayi wakhe.

205 Nkosi, yiza kulelothende lomoyampilo manje nje, ungangqongqozi ethendeni, kodwa lelothende lomnyango wenhliziyo yakhe. Mhlawumbe abanye bethu abawufezanga umsebenzi wethu ukuya kuye, Nkosi. Abanye bezinceku zaKho ezinye, mhlawumbe ezinsukwini zobusha bakhe ngenkathi umqondo wakhe wawuphapheme, mhlawumbe iphutha lethu, Nkosi, ukuthi asimbonisanga. Manje-ke sixolele, Nkosi, bese

umyise eMbusweni waKho. Siphe khona, Baba. Simnikela kuWe manje. Futhi uma kunokwenzeka, noma kube secebweni laKho elikhulu, uma Uyomvusa, Nkosi, mhlawumbe abanye bethu bazoba nethuba lokukhuluma kuye nokho. Empeleni, ukunxusa kwethu kungokomphefumulo wakhe, Nkosi, ngoba kuzothatha indawo yakho masinyane, kubukeka ngathi, ukuntwezela phandle ukuya ngaleya kokungaziwa, o, engenamshayeli wendiza, kungekho ozomhola edlula enkungwini nomlalamvubu ngaleya. Uzolahlekelwa indlela yakhe, Nkosi. Kwangathi uMshayeli wendiza owazi indlela, eze kuye kulokhu ukusa, ahhuke umkhumbi wakhe omncane uncikane nohlangothi lomkhumbi omdala waseZiyoni. Lapho ethatha uhambo lwakhe, uyobanesiqiniseko ukufika ngokuphepha. Siphe khona, Baba. Simnikela kuWe manje, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda

Asiphakamise izandla zethu.

Ngoba Wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

206 Namhlanje ebusuku ngizozama ukushesha kancane noMlayezo, njengoba benginjalo kulokhu ukusa. Manje nyelelani. Ngifisa sengathi benginganithatha nonke kanye nami ekhaya, ngininike nonke ukudla kwasemini okumnandi. Bengiyoqiniseka ukuthi ngiyakwenza lokho uma bengingakwenza. Kodwa ngithemba ukuthi iNkosi inipha ukudla kwa—kwangempela, ngokukhuluma ngokomoya, ekulungeni kwaKhe nomusa, ukuthi nizokubona futhi nikhule kumumo waKhe ophelele eniwuthandayo, uMsindisi wenu, uJesu Kristu. Manje sisaphuma endlini, futhi simela umkhuleko, ukukhululeka, sifuna ukucula iculo, futhi qinisekani ukuthi niyalihlonipha, *Hamba NeGama LikaJesu*. Manje, sizokwenza isimemezelo emzuzwaneni nje, nginesimemezelo masinya nje njengoba sicula iculo. Kulungile.

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokudabuka nowosizi;
Liyakukunikeza injabulo nentokomalo,
Lithathe noma uyaphi.

Gama eliligugu (Gama eliligugu), O limnandi kangaka! (O limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka! (limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

Hamba neGama likaJesu,
Njengesihlangu kubo bonke onoxhaka;

Lalelani manje, ini.

Uma izilingo zikuzungeza, (ufanele wenzenjani na?)
Vele nje uphefumule leloGama elingcwele ngomkhuleko.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu (Gama eliligugu), O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

207 Manje khumbulani, ngikholwa ukuthi uJesu Kristu usho lokhu kusosonke isidalwa esingumuntu, eMfundisweni yaKhe yokuqala, "Uma umuntu engazalwa ngamanzi" (lelo yiZwi, ukuhlanza kwamanzi ngeZwi) "nangoMoya" (okunguMoya oNgcwele, uMoya oNgcwele uqinisekisa iZwi), "angeke awubona uMbuso weZulu." Niyakukholwa lokho na? Niyabo? "Ngamanzi," ukuhlanza kwamanzi ngeZwi, iZwi neQiniso, UyiQiniso. "Amanzi noMoya," uMoya ufika ngeZwi, ukuqinisekisa iZwi, lenza uNkulunkulu aphile kimina. Niyabo? Angeke siqonde uMbuso weZulu kuze kuba sekwenzeke lokho. Manje-ke uma lokho kuqala ukwenzeka, ukuthi sibona iZwi kithina, sizelwe ngeZwi nangoMoya, uzibonakalisa Wona uqobo, ungihola ngingasuki eZwini; uMoya ungiholela eZwini, neZwi liphila kimi, lenza uNkulunkulu abonakale empilweni yakho!. . .awusoze waqonda uMbuso kaNkulunkulu futhi akukho sazi esingangena kuwo. UNkulunkulu anibusise.

Mfowethu Neville.

*Ufanele Uzalwe Ngokusha* ZUL61-1231M
(You Must Be Born Again)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngo Disemba 31, ngo 1961, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2017 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

